# Bheka

Mfowethu Jimmy. Futhi sanibonani ekuseni bangane. Ku. . .Ngijabule kakhulu ukuba lapha ePhoenix futhi kulokhu ukusa, ngijabulela lesisikhathi esihle senhlanganyelo. Ngifisa sengathi bengingahlala isikhathi eside, ngilalele lamaculo amahle, nokubona uJimmy osemusha engena ngempela kuleloculo. Hha! Akukho lutho olugqokisiwe ngalowo mfana, ingabe lukhona na?

2 Futhi uMfowethu Outlaw ubengitshela kulokhu ukusa ukuthi lona ngumama wakhe oligugu ohlezi ngapha ngasemnyango, oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nanye ubudala. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Ngiqagele eminyakeni eminingi edlule ngenkathi uyendezisa leyongane encane ezingalweni zakho, nalezozandla ezincane zashaya izihlathi zakho, awucabanganga ukuthi ubuyobe uhlezi lapha, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, umlalele ebandleni lakhe, mhlawumbe, ngalesosikhathi. Wakukholwa ngaleso sikhathi na? Lokho kuhle kakhulu, kuhle kakhulu. Ngijabule kakhulu. UNkulunkulu akunike. . .Awu, angikwazi ukusho iminyaka eminingi, ngoba u—u, ngaphakathi, uyisidalwa saPhakade. Uyabo? Ngakho awuzange uqale, ngakho ungeke waphela, ngakho nje unokuPhila okuPhakade. Lokho kuhle kakhulu.

3 Mfowethu Dyson, angikakabi nayo inhlanhla yokuhlangana naye okwamanje, kodwa uzoqhubeka nalenkonzo kuze kube yiviki elizayo, eqala kulobubusuku, lapha ebandleni. Futhi ngi. . .Ngethemba ngempela ukuthi kukhona impumelelo enkulu lapha kulemvuselelo. Ngifisa kuphela ukuthi bengingahlala emuva lapha ndawo ndawo futhi ngivele ngicwile ezintweni ezinhle zikaNkulunkulu, njengoba umfowethu eshumayela. Ngizwa kuthiwa uyindodana yesithunywa senkolo esivela eJerusalema. Futhi ngakho ngineqiniso ukuthi nizoyijabulela lenkonzo kuleliviki, yomfowethu. Uma konke kungenzeka, thamela, muzwe, msekele. Futhi labo abangakwazi ukuza, futhi ukude nekhaya, ngaphandle kwedolobha, awukwazi ukubuyela emuva, yenza njengoba ngizokwenza, mkhulekele, futhi ukhulekele impumelelo yenkonzo.

4 Ngikhumbula okokuqala ePhoenix. Kwakuyilendlu yokukhonzela, kuphela yayisendaweni ehlukile. Kwakuyindlu yokukhonzela, kodwa uphahla oluhlukile esasikhonza ngaphansi kwalo, kanye nenhlanganyelo enkulu esasinayo noMfowethu Outlaw. Nginerekhodi elenziwa ngesikhathi salowo mhlangano. Futhi kungaso sonke isikhathi. . .Lapho ngithi ukuthola umuzwa ngiphansi kancane, ngihamba ngiyodlala leli rekhodi, futhi selithi aliklwebheke. Mhlasimbe,

mhlawumbe, indoda elenzile, ilapha kulokhu ukusa; elincane, irekhodi elibomvu eliguquguqukayo. Bese kuthi-ke, kusobala, nginamarekhodi amaningi akamuva alelikhwaya elisencane lapha, okwakuyizingane ezincane ngaleyonkathi, zicula. Sithola okuningi kukho.

5 Lapho sizwa lamaculo amnandi, ngathi kuMfowethu u-Outlaw, "Ngiyajabula ukuthi azoteyishwa, ngoba ngiyathanda ukufundisisa lokho. Ngiyathanda ukuzwa lawo maculo futhi ngidlale iteyipu, ngizwe amaculo lapho ungahlala phansi."

6 Ayikho into efana nomculo. Niyazi, uNkulunkulu uphulukisa ngomculo. Benikwazi lokho na? E-hhe. UNkulunkulu uphulukisa ngomculo.

7 UNkulunkulu uphulukisa ngothando. Niyabo? UNkulunkulu uphulukisa ngomuthi. UNkulunkulu uphulukisa ngomkhuleko. UNkulunkulu unezindlela eziningi zokuphulukisa. Kuya ngokuthi yiluphi uhlobo oludingayo.

8 Ngezinye izikhathi uthando oluncane, olululiwe, luyovele lwelaphe isilonda esidala, indawo endala ebikade inegqubu noma okuthize. Kuyoyiphulukisa ngqo kuphele, uthando oluncane nje, ukunakekela okuncane.

9 Ngesinye isikhathi uma uzizwa uphansi wonke, futhi, njengoba sikubiza kanjalo, inkulumo yasestradini, ezansi ezindaweni zokulahla, niyabo, vele ufake enye yalawo mateyipu, lowomculo noma irekhodi, bese uyolidlala. Into yokuqala uyazi, umbambatha unyawo lwakho, noma isandla sakho, futhi konke sekuphelile ngaleso sikhathi. Usuvukile qinqo futhi ulungele ukuhamba futhi.

10 Manje, leMilayezo yamahora ayisithupha, lelo akusilo uhlobo lokuvangela, yilapho ngisekhaya futhi—futhi nje ngithi uku. . . Wonke umuntu uyazi ukuthi ungiyisa kanjani lapho, uhlobo nje oluwayindwe isikhathi eside. Futhi abantu abaningi bangasho okuningi emizuzwini emihlanu, niyabo, kunalokho engingakusho kulawomahora ayisithupha. Ngakho, kuncike kulokho okushoyo.

11 Manje, ngiyakholwa, kulokhu ukusa, nginenothi elincane lapha, ukuthi omunye udade lapha ofuna ingane yakhe encane inikelwe eNkosini. Futhi ngathi kuMfowethu Outlaw, "Awuzibhaphathizi izinsana na?"

Wathi, "Qhabo." Qhabo, uvele nje. . . Uzinikela njengoba umBhalo usho ukuzinikela.

12 Ngakho ngi—ngiyacabanga, ngalesisikhathi, uma lodade onalo omncane okumele amkhuphule, uzokukhuphula. Futhi si—siyakholelwa kulokhu, kuyimfundiso yeBhayibheli. Futhi sizama ukulandela umBhalo nephethini iNkosi uJesu eyasishiyela yona, ngokusondele nje ngendlela esazi ngayo, wukulandela indlela Akwenza ngayo. Futhi asitholi ndawo

eBhayibhelini lapho Azibhaphathiza khona noma ngisho wayala zona ukuba zibhaphathizwe. Yena—Yena nje . . . Bathi, “Baletha abantwana abancane kuYe, ukuze Ababusise. Futhi Wabeka izandla zaKhe phezu kwabo wayesethi, ‘Vumelani abantwana abancane beze kiMi, ningabenqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo.’”

13 Ngakho uma umshayi we-ogani noma umshayi wopiyano ethanda, uzosinika nje omunye walowo mculo othandekayo, ukuthi kancane nje, “Bangeniseni, bangeniseni, bangeniseni basuke emasimini esono.” Ngikholwa ukuthi ujwayelene nalo.

14 Ubani igama lomfo omncane na? [UMama uthi, “Yintombazane encane. NguRebekah.”—Umhl.] Rebekah. Isibongo? [“Hammer.”] Hammer. Lona nguMfowethu noDadewethu uHammer. [“Yebo.”] UNkulunkulu anibusise. Lona uye kuphela owakho na? [“Intombazane yethu yesine.”] Intombazane yesine. Ubufanele ube umvangeli. UFiliphu wayenamadodakazi amane, niyazi. [“Kunjalo.”] Futhi bonke babengabaprofethikazi. [Ubaba uthi, “Angiyena umfundisi.”] Ungahle ungabisiye, kodwa ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzokunika abaprofethikazi abane kulamadodakazi, noma kunjalo, Mfowethu Hammer.

15 Kuhle kakhulu. Uyazamula manje. Ufanele ukubone. Ngiyabathanda. Kodwa ngihlale ngesaba lapho ngibaqukula, ukubanikela, ngihlale ngesaba ukuthi ngizobaphula. Niyazi, bawuhlobo lwe . . . Ngi—ngizizwa ngixakile ngempela, ngibaqukula. Futhi umkami wayehlale ethi, “Angeke ubaphule.” Ngakho, kodwa babukeka benomoya omuhle kakhulu. Babukeka sengathi ufanele ubabambe. Ngakho ngizozama ukumbamba, uma kulungile.

16 Manje, lona umsebenzi umkami angawuthanda. Akuyena yini unodoli omncane lowo na? Rebekah Hammer omncane, unjani? Kuhle lokho. Siyabonga ngalokhu, ukuthi uNkulunkulu uyinikele kanjani lenyunyana lomntwana othandekayo. Kufanele kuvele kuNkulunkulu kuphela. Akekho onganikeza ukuphila ngaphandle kukaNkulunkulu.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

17 Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe kulokhukusa lesi sigaxa esincane sothando sibekwe kulelikhaya, ngesandla saKho esikhulu. Ukuthi umama, kulezi zinyanga, usithwale kanjani ngaphansi kwenhliziyo yakhe, elangazelela ukubona ukuthi siyobukeka kanjani lapho sesifikile. Futhi nasi kulokhukusa, lentombazanyana enomoya omuhle ethandekayo. Futhi uyiqamba igama leBhayibheli. Futhi manje uza e-altare likaNkulunkulu, yena nomyeni wakhe, ukusibusisa, ukusibuyisela kuNkulunkulu owabanika sona. Busisa ikhaya labo, Baba, siyakhuleka. Busisa umndeni wabo. Busisa loRebekah omncane.

18 EBhayibhelini, sithola ukuthi abantu baletha izingane ezincane kuWe, ukuze Ubeke izandla zaKho phezu kwazo futhi uzibusise. Futhi ukuba Ubulapha kuphela emzimbeni obonakalayo kulokhukusa, ngani, lomzali ubengaletha loRebekah omncane kuWe. Siyaqonda, Nkosi, ukuthi izandla zethu ziyisibambiso ezimpofu ngempela zalokhu kuthunywa okukhulu, kodwa Usiyalile ukwenza njalo. Ngakho-ke, Nkosi, ngiKunika uRebekah omncane, eGameni likaJesu Kristu, ekubusisweni. Kwangathi Ungathatha ukuphila kwakhe okuncane futhi ukusebenzise, Nkosi, kube yinkazimulo yaKho. Futhi sizoKudumisa ngakho, eGameni likaJesu. Amen.

19 UNkulunkulu akubusise. Kwangathi iNkosi ingapha, ingane encane izophila, ibe ngowesifazane okahle nenceku enkulu kaKristu yakusasa, uma likhona ikusasa. UNkulunkulu anibusise nobabili, kahle kakhulu.

20 O, labo bafo abancane. Kumsulwa kangako. Bengihlala ngicabanga ukuthi umntwana umsulwa kanjani. Futhi nokho, uma nje besingaba msulwa njengomunye walabo bantwana . . . Kepha, uthole ukuthi, simsulwa kakhulu, lapho iGazi likaJesu Kristu selisihlanzile kuso sonke isono.

21 Manje ake siphenye emiBhalweni. Kinina enithanda ukufunda umBhalo, asiphenyeni encwadini yamaHeberu, isahluko se 9, ukuze sithole amaZwi athile. Asiqale ngevesi lama 24 lesahluko se 9.

> *Ngokuba uKristu kangenanga* endaweni *engcwele eyenziwe ngezandla, engumfanekiso waleyo okuyiyo ngempela; kepha wangena ezulwini uqobo, ukuba abonakale manje ebusweni bukaNkulunkulu ngenxa yethu:*
>
> *Kungesikho futhi ukuba azinikele* kaningi, *njengalokhu umpristi omkhulu* wayengena *endaweni engcwele iminyaka ngeminyaka ephethe igazi elingesilo elakhe;*
>
> *Kungenjalo wayemelwe ukuhlupheka ngokuphindiweyo selokhu kwasekelwa umhlaba: kepha manje ubonakaliswe kwaba kanye ekupheleleni kwezikhathi ukuba asuse izono ngokuzinikela kwakhe.*
>
> *Njengokuba futhi kumisiwe ukuba abantu bafe kanye, emva kwalokho kube ngukwehlulelwa:*
>
> *Kanjalo noKristu wanikelwa kanye ukuba athwale* isono *zabaningi; uyakubonakala ngokwesibili engenasono kube ngukusindiswa.*

22 Kwangathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Asikhothamise amakhanda ethu manje ngomkhuleko.

23 Nkulunkulu uSomandla, oyisiqalo sezinto zonke, owenza umhlaba ngoJesu Kristu, siza eBukhoneni baKho, kulesi sakhiwo kulokhukusa, njengombuthano wabantu baKho: ukuthi siqale sizinikele kuWe ukuze sikhonze; ukubonga ngalokho esesikutholile kakade esandleni saKho; sikhulekela ukuthi Uzobusisa ukufundwa kwaleliZwi. Kwangathi uMoya oNgcwele angaqhubeka nokwenza iZwi libe yiqiniso kithi, njengoba sibheke kuMqalisi weZwi, ngokuba sikucela eGameni laKhe, uJesu Kristu. Amen.

24 Manje, sizozama, kulokhukusa, ukuthatha nje izinhlamvu ezine, egameni elithi, *Bheka*, okwendaba, futhi sibhekane nakho isikhashana, njengoba iNkosi izosihola ukuba senze. Nginamanothi ambalwa abhalwe lapha, nomunye umBhalo esingabhekisela kuwo, njengoba siqhubeka. *Bheka*.

25 L, o-o ababili, k, bheka. Igama, ngempela, lapho... Lisetshenziswa kaningi. Kodwa, "bheka," lapho uzwa igama, imvamisa kuba ngumuntu ozama ukukuthola ukuthi ubone ukuthi babhekani. Bathi kuwe, "Bheka." Njengokwehla ngomgwaqo, wena, othile, angahle abone isigameko esithile, futhi bangathi, "Bheka," bese uveza ukuthi kuyini. Kusentabeni, ku—ku—umdolofiya, nanoma yini abayibhekayo. Kodwa, into yokuqala, ukuthola ukunaka kwakho, ngukuthi, "Bheka."

26 Manje, wonke umuntu ubhekile, namuhla. Wonke umuntu ubheke okuthile, futhi ubheke okuthile okuzokwenzeka.

27 Siyazi ukuthi umhlaba uhlale ubheka izibhakabhaka, irada nezikrini esinazo phezulu, emhlabeni jikelele, zonke izizwe, ukuzivikela kwazo, sine—neso eliwumlingo, njengokuthi, ngibheke uku—ukuthola okuthile okuzovela kulesi sikrini, njengomcibisholo we-athomu noma okuthile. Khona-ke, banokuthile lapho ukuze babuyele kulowo okuthumele ngalendlela.

28 Konke kubhekile. Inkampani yakwaFord ibheke ukwenza iFord engcono. IChevrolet iyabheka, yenza iChevrolet engcono. I-Phoenix ibheke ukwenza idolobha elikhulu nelingcono. Isizwe sibheka indawo eyengeziwe, ukuze sizelule. Ibandla, ibandla nje, libheke amanye amalungu.

Kodwa uMlobokazi ubheke ukuFika kweNkosi yakhe.

29 Sonke sibhekile. Kuya ngokuthi iphimbo lizama ukukutshela ukuthi ubheke ini. Abanye bethu bathi, "Bheka *lokhu*." Futhi uma kuyibandla, sithi sifuna amaningi kakhulu kulonyaka, amalungu. Lokho kulungile.

30 Kodwa iPhimbo engizama ukulisho kini kulokhukusa, lifana nomlobi walencwadi efundwayo, sikholwa ukuthi nguPawulu, othi, "Sibheke ukuFika kukaJesu Kristu, okwesibili," siMbhekile. Ukuze ukwenze, ufanele ubone okuthile ngaphambi kokuthi utshele omunye umuntu ukuthi abheke lokho okubonayo.

31 UNowa waba nesahlakalo salokhu. Futhi yena, ngokukholwa, wabona ukuza kukazamcolo, imvula enkulu eyayizosibekela umhlaba futhi ithathe konke u. . . igeze umhlaba; ukuzinikela kabusha kuNkulunkulu. Ukungcola kwezwe, ukuthi abantu babengene kuleso sibumbatha ababekuso ngalolosuku, futhi wawufanele ugezwe wonke, ukuze uqale futhi.

32 Ngisanda kuqeda uchungechunge lwezinkonzo ezimpawini eziyisikhombisa zokugcina. Futhi ukuthola, kulolu uphawu lwesithupha, ukuthi kukhona ukuphazamiseka okukhulu phakathi e—emvelweni. Inyanga, izinkanyezi, umhlaba uyakhala. Ibandla liyahlanzwa, u-Israyeli uyahlanzwa, futhi yonke into iyahlanzwa ngaphansi kwalolophawu lwesikhombisa, ukuze kuthi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane siqale singene. Kufanele kube nokuhlanzwa, kuqala.

33 Futhi yilokho ibandla, namuhla, nalokho engifuna ukunikhombisa khona, ukuthi sidinga ukuhlanzwa. Ngaphambi kokuba noma yini iqale kuNkulunkulu, sifanele sibe nokuhlanzwa. Futhi lapho sibheka futhi sibona izinto ezikhona manje, ngaphansi kwezimo zamanje ngendlela eziyiyo, siyabona ukuthi sifanele sibe nokuthile okufanele kwenzeke ngaphambi kokuba uNkulunkulu akwazi ukuqhubeka nohlelo lwaKhe, nokuhlanzwa. Abaningi bethu, ngithi, bangahle babheke emuva e. . .

34 Ngineteyipu, noma, awu, ifilimu yebhayisikobho eyaqoshwa eJerusalema, lapho sasibuza khona amaJuda, ngenkathi ebuya e-Iran nasezindaweni eziningi, eminyakeni embalwa edlule, cishe eminyakeni emihlanu edlule, bethwele abathandekayo babo emhlane wabo, futhi bebakhipha emikhunjini futhi bebakhipha ezindizeni, nokunye nokunye, bebuya. Babuza umbuzo, “Ingabe nibuyela ezweni lendabuko ukuzofa na?”

Bathi, “Siyeza ukuzobona uMesiya.”

35 Lapho ubona u-Israyeli, lesosihlahla, sihluma imiqumbe yaso, yibhanela elikhulu. Isikhathi sesiseduze lapho u-Israyeli eba yisizwe, futhi uyisizwe namhlanje.

36 Sibona izinto zenzeka, ukuthi, ezweni, liphuphuthekile nje kuzo njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa. Kodwa kithi esibheke uKristu, okwesibili, yibhanela ukuthi Uyeza masinyane. Sibona okuthile okulungela ukwenzeka, futhi kuncike kulokho okubhekile.

37 Manje, uNowa wayazi ngeZwi likaNkulunkulu ukuthi kwakuzofika uzamcolo. Ngokukholwa wakubona. Wayazi ukuthi lokho kwakuzoba khona, ngoba iZwi likaNkulunkulu lakwethembisa. Manje, uNowa, qobo lwakhe, ngokukholwa, wabona lokho iZwi likaNkulunkulu elakusho. Kodwa izwe alikwazanga ukukubona, ngoba kwakungenakufakazelwa

ngokwesayensi ukuthi kwakukhona amanzi phezulu esibhakabhakeni. Kodwa uNowa wayazi ukuthi ayelapho, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

38 Lelo yiBandla, uMlobokazi, ababizelwe ngaphandle namuhla, uyazi ukuthi ukuFika kweNkosi sekusondele, kungakhathaleki ukuthi kungakanani esikwazile ukuhamba ngenqubekela phambili, nokunye nokunye, futhi siphumelele ukuhlukanisa i-athomu, no—nokuthumela u—umlayezo we-radar oya enyangeni. Lokho akusho lutho ekholweni, isibonakaliso kuphela sokuthi ukuFika kweNkosi sekusondele. Sibona izizwe zihlukana, nezizwe ziza, zihlakazeka, nomhlaba uqhekeka, nomnyakazo webandla uqhekeka. Khona-ke, siyafundiswa, ukuthi, "Semukela uMbuso ongenakunyakaziswa." Kodwa lapho lezizinto ziqala ukwenzeka, iBandla Lizibophela ndawonye, liqina futhi liqina, ne. . . ngeZwi likaNkulunkulu. Usuku olukhulu esiphila kulo. Futhi sinjalo . . .

39 Wonke umuntu ubheke okuthile. Ungahle ubheke namuhla esikhathini lapho ufika ekhaya, ukuba udle idina lakho. Kungahle kube khona i—ipikiniki kulentambama, oyisa kuyo umndeni wakho. Kungahle kube nenye into ethile, ngeliviki elizayo, obheke umakhelwane wakho ukuba eze, noma omunye umngani. Kodwa wonke umuntu ubheke okuthile.

40 Futhi njengeqembu lamakholwa namuhla, libuthene ndawonye, sifuna ukulungisa imicabango yethu, izimiso zethu nezinto, ekuFikeni kweNkosi, "Sibheke uKristu, Oyakuvela ngokwesibili engenasono kube ngukusindiswa, kulabo abakholwayo futhi ababheke Yena ukuba afike." Nkulunkulu, lapha, i . . . ngomlobi, usimema uku—ukubuka lokhu futhi sikubheke. Thina . . . Umlobi uyasho lapha, ukuthi, "Sibheke uKristu, okwesibili, ukuMbona njengoba Enjalo."

41 Futhi manje siyazi ukuthi iZwi linguKristu. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Futhi amaHeberu 13:8 athi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Ngakho-ke yiZwi esibheke kulo, khona-ke, ngokuba Linguku—ukubonakaliswa kwalokho uNkulunkulu ayikho. Futhi ngenkathi uNkulunkulu engena kuKristu, Wayeyisibonakaliso salokho uNkulunkulu ayeyikho. Futhi noma yini Ayeyiyo, Uhlala njalo, ngoba UngoPhakade futhi angeke aguquke.

42 Yeka ithemba okusinika lona, lokuthi uNkulunkulu akasishiyanga singenabo ubufakazi beqiniso ezinsukwini zokudideka esiphila kuzo namuhla! Nokho, ngempela singabantu abanenhlanhla, uma nje sizobheka ebufakazini beqiniso esinabo, iZwi, niyabo, ngoba leso yisambulo sikaNkulunkulu esigcwele sikaJesu Kristu. Akukho

okungenezelwa kuLo noma kususwe kuLo, ngoba Liyisambulo sikaJesu Kristu.

43 UNkulunkulu akakaze abashiye abantu baKhe bengenabo ubufakazi beqiniso. UNkulunkulu uzokwahlulela izwe ngoJesu Kristu. Futhi uma uJesu Kristu eyiZwi, khona-ke uNkulunkulu wehlulela ibandla, noma izwe, ngeZwi, ngokuba UyiZwi. Kukhona ukwaHlulela okuzayo. Isoni siyakwazi.

44 Abantu abaningi, lapho ukhuluma ngeBandla, banombono oxakile. Izwe, lapho bedlula ngaseBandleni, ngiqonde, uMzimba kaKristu ubuthene ndawonye, bacabanga ngabesifazane bakithi ngezithile ezinkulu, izinwele ezinde ezinezintambo, nezingubo ezimnyama nakho konke. Futhi bacabanga ngamadoda aneminwe emide, egqoke izingubo ezimnyama, futhi ebalahla njalo. Ngomqondo omuhle wegama, lokho kuyiqiniso, ngoba, "IBandla lingabantu abayinqaba, abantu ababizelwe ngaphandle."

45 Futhi isizathu kubukeka ngaleyondlela kuleyondoda efuna ukwahlulela iBandla kulesosimo, kungenxa yokuthi iBandla lihlale likhomba ngomunwe olahlayo kukho konke acabanga ukuthi kulungile. Futhi uma eyisoni, ucabanga ukuthi isono silungile, izinjabulo zokuphila, njengokuphila ezweni. Futhi lapho iBandla lisukuma futhi liyigxeka leyonto, Ibukeka njengesilwane esesabekayo kuye. Kodwa uma azi kuphela, kuwukuphela kwendlela kaNkulunkulu yokuletha insindiso, kunjalo, ezwakalisa iZwi likaNkulunkulu ngezindebe zezinceku zaKhe.

46 Manje, uNkulunkulu wayengakhetha ukushumayela iVangeli ngelanga, ngenyanga, ngezinkanyezi, ngomoya ovunguzayo, noma ngemvelo. Kodwa Wakhetha amadoda ukuba ashumayele iVangeli, futhi yilapho iPhimbo likaNkulunkulu liyovela khona. Futhi ungahlulela iphimbo ngegama elilivezayo, khona-ke ungabona ukuthi hlobo luni lwephimbo olilalelayo. Uma kuphambene neZwi, ungakulaleli. Kodwa uma kuyiZwi, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile ukusekela leloZwi futhi aliqinisekise futhi aLenze iQiniso, ngoba Wethembisa ukukwenza. Ngakho siphila osukwini olukhulu, lawa maZwi kaKristu aveziwe.

47 Ngenkathi Efika emhlabeni, WayeyiZwi, qobo lwaKhe. Wayengadingekile ukuba alobe izincwadi. Akazange alobe incwadi. Kungani na? WayeyiZwi. Wayengadingeki ukuba alobe nganoma yini, ngoba Wayeyilokho abanye ababelobe ngakho. WayeyiZwi. Ngakho-ke, Akazange alobe lutho ngesandla saKhe uQobo. WayeyiZwi, qobo lwaLo. Futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, ngakho Usalokhu eyiZwi.

48 Wathi kumaJuda, ngolunye usuku, Wathi, "Ubani ongaNgimangalela ngesono na?" Manje, *isono* si "ngukungakholwa." "Ubani ongakhomba ngomunwe wakhe

kiMi futhi athi Angiwagcwalisanga wonke amazwi alotshwe ngaMi na?"

49 Bekungeke yini kube yinto ekhazimulayo kulokhukusa, bazalwane nodadewethu, uma iBandla likaNkulunkulu ophilayo belingama lithi, "Ubani ongangimangalela ngesono na? Zonke iziphiwo uNkulunkulu azithembisa eBhayibhelini, nakho konke Akwethembisa kuzokwenziwa, kusebenza phakathi kwethu ngqo namuhla"? Akuyona yini into emangalisayo leyo na? Ubani ongakwenza na? Khona-ke thina . . . Imicabango yehlelo izophuma ithi ngqu iphele lapho singabona uNkulunkulu eZikhulumela.

50 Abantu abaningi kakhulu babheke okwehlukile . . . Akekho ofuna ukufa. Akekho ofuna ukulahleka. Wonke umuntu ufuna ukuba seBukhoneni bukaNkulunkulu. Ngiyakwenza, uyakwenza, wonke umuntu uyakwenza. Kodwa asizimisele ukuza ngendlela uNkulunkulu ayihlinzekile ukuba size ngayo. Niyabo? Yilokho okwenza kwehluke kakhulu.

51 Umfana wami, uBilly, ngolunye usuku, unginike ikhamera. Futhi wangibonisa i—into. Wathi, "Babayi, thatha leso sithombe laphaya." Awu, yiPetri encane engu-35mm. Futhi ngathatha ikhamera encane futhi ngabheka into. Cishe kwakunezinto ezintathu zazo ezazimi laphaya, umdolofiya waseSaguaro. Ngangingabona uhlanga olulodwa, izinhlanga ezimbili, izinhlanga ezintathu. Ngase ngiyehlisa futhi, ngabheka, kwakukhona uhlanga olulodwa kuphela. Ngayibuyisela futhi, kwakubukeka ngathi kwakunezinhlanga ezintathu.

52 Awu, yileyondlela nje, ngezinye izikhathi, siphuma kokuqondiwe. Nginesipopolo esikala ibanga. Futhi sizama ukubeka okuthile kukaNkulunkulu emuva le kwenye indawo, nokuthile okunye, mhlawumbe asizange sisebenzise iSipopolo sethu esikala ibanga. Makuthi uMoya oNgcwele asuse imibono yethu kithi kanye nesayense yezenkolo yethu yebandla, futhi sivumele iSipopolo esikala ibanga singene futhi sisixhume, ngeke ubone okuthathu noma okune. Uzobona into eyodwa, kaNkulunkulu. Niyabo?

53 Uma ubheka ngekhamera efanayo, indoda ingabona okuthile, kodwa ubuhlakani bakhe uqobo bumtshela ukuthi kukhona uhlanga olulodwa laphaya. Niyabo?

54 Kodwa yileyondlela uMoya oNgcwele owenza ngayo, uma nje sizoWuvumela ube nendlela yaWo. Uzothatha iZwi qobo lwaLo futhi uLilethe ekuqondisweni, lapho esizobona khona ukuthi sibhekeni ngaleso sikhathi. Bese kuthi-ke uzothola, mhlawumbe, uma abantu abazama ukukukhombisa okuthile, akanalo iphutha kangako, empeleni, niyabo; uma nje uzovumela iSipopolo esikala ibanga siqale, iZwi qobo lwaLo, liqale ukukhombisa iZwi ekubonakalisweni. Amen. Lizo—lizokwenza uma nje ukuvumela. Niyabo? Kepha ufanele usebenzise

iSipopolo sokukala ibanga, ukuze uthole eyakho—eyakho . . . Uma sifike emakini kaziro kanye, sizophinde sikushaye futhi.

55 Ngi—ngiyathanda uku—ukudubula, kanye—kanye nokuhlosiwe. Futhi lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangizingela izingwejeje ezansi eKentucky. Kwakukhona . . . Nganginesibhamu esikhulu esincane imodeli 75. Kuzwakala . . . Ngethemba ukuthi akuzwakali kuwukuthuka ngokungcwele kini, ukusho lokhu entshumayelweni, kodwa ngi—ngizokutshela. Ngizama ukuveza iphuzu. Nalesisibhamu esikhulu esincane, ngasilungisa kahle. Futhi ngike ngabhekana futhi ngazilibazisa ngezibhamu kusukela ngiseyinganyana encane. Ngi—ngiyazithanda. Futhi nga—nganginalemodeli 75 encane ngaze ngavele nje, ngaso sonke isikhathi, ngashaya iso lengwejeje emayadini angamashumi amahlanu ngaso.

56 Nganginephepha endaweni yokudubulela ezansi lapho, lisayiniwe, ukuthi, "Ukushayela izinhlamvu eziyisishiyagalolunye emgodini ofanayo, emayadini angamashumi amahlanu, ngosuku olunemvula, olunomoya." Futhi ngalisayina futhi lagunyazwa ngokusayina. Futhi leyo kwakuyiNkosi ingisiza, kusobala, ukwenza lokho. Lokho akujwayelekile.

57 Futhi ngaqala ukudubula ingwejeje. Ngathola ukuthi, ngiyishaye kwenye indawo ngaphandle kwehlo. Ngaba nokwethuka. Ngazama futhi, ephepheni, futhi sasingeke sishaye okuhlosiwe. Sasiyoshaya ngaphakathi, o, ikota ye-intshi, noma ingxenye ye-intshi, okuthile, emayadini angamashumi amahlanu. Kodwa ngangazi ukuthi besingenza kangcono kunalokho. Ngenze konke esibhamini engangikwazi ukuthi kwenziwa kanjani, futhi kwakungekho lutho olwalubonakala lu—lusilungisa kahle.

58 Ngakho ngasigoqa ebhokisini ngase ngisithumela emuva eNkampanini yakwaWinchester ukuze siyohlolwa, ukuze siphinde siqondiswe. Bangibhalela incwadi emnandi enginayo, ifayela lami lisekhaya. Futhi yathi—yathi, "Mfu. Branham," yathi, "leso—leso sibhamu esikhulu sizohlanganisa iyintshi kumayadi angamashumi amabili nanhlanu." Yathi, "Imodeli 75 nje." Yathi, "Akusona isibhamu sokudubula okuhlosiwe. Siyisibhamu esifayelayo nje esincane." Futhi yathi, "Awusoze uthole okungcono kunalokho." Manje, leyo kwakuyiNkampani yakwaWinchester eyakha isibhamu, yathi, "Iyintshi emayadini angamashumi amabili nanhlanu," futhi ngangishayele izimbobo eziyisishiyagalolunye eziqondile emayadini angamashumi amahlanu.

59 Manje, nanku umcabango wami. Umkami wathi, "Manje bheka, Bill," wathi, "uma leyo nkampani eyenza isibhamu esikhulu izosho nje lokho, futhi ngeke senze okungcono kunalokho, pho ungubani-ke wena ukuba usho lokho."

60 Ngathi, "S'thandwa, nakhu okuyikho. Angikhathali ukuthi inkampani ithini. Ngikubonile sikwenza, futhi ngiyazi ukuthi sizokwenza."

61 Futhi ngahlala phansi lapho, ngenkathi abanye abazalwane babedubula izingwejeje. Noma yikuphi lapho ababefuna ukuzishaya khona kwakulungile, maphakathi nendawo, emuva, nanoma yikuphi. Ngahlala ngaphansi kwesihlahla ngangikhala. Ngathi, "Nkulunkulu, nginokwethuka kakhulu. Angikwazi ukuziqoqa. Ungenzeleni umfo omncane, onokwethuka kanje na?" Futhi nje . . .

62 Ngiyaqonda lapho engimi khona lapha, iBhayibheli phambi kwami. Futhi iPhimbo, elicace nje njengoba ubungezwa elami, lathi, "Wenziwa kanjalo ngenhloso."

Ngoba, kuze kube u—uyazi ukuthi lesosibhamu esikhulu sizokalwa sibeziro kanye, ngoba . . . Uma sike sakalwa saba kuziro kanye, njalo, sizophinda sikalwe sibe kuziro futhi. Yisibhamu esikhulu esifanayo.

63 Ngakho-ke, ngiyakubona. Niyabo? Uma ulalela leliZwi, uthatha lesi Sipopoli sokukala ibanga futhi uSehlisele endaweni ngize ngikwazi ukubona into efanayo apaphostoli abayibona, iVangeli elifanayo abalishumayelayo. Sizoveza imiphumela efanayo, ngoba Sabenzela khona. Sizoshaya okuhlosiwe ngaso sonke isikhathi. Akunandaba ukuthi amabandla athini, nabantu abazisho ukuthi bayikho, ngi—ngiyazi ukuthi Sizokwenza. Ngoba . . . Futhi nakho engifuna ukukubheka, leloZwi, ukubona ukuthi Siqondisiwe ngqo, ukubona umbono ofanayo abawubona. Futhi Sizokwenza umsebenzi ofanayo Esawenzela bona. Sizophulukisa abagulayo. Sizovusa abafileyo. Sizokhipha amademoni. Sizoveza iBandla elikhazimulayo Ozimisele ukunameka ngophawu ubufakazi babo ngegazi labo uqobo uma kuba ngokudingekile ukwenza lokho. Ngoba, kuncike kulokho okubhekile.

64 Manje ukube bengibheke kulokho okwashiwo yiNkampani yakwaWinchester, okufanele kube yiyona leyo—leyo eyenza isibhamu, khona-ke bengiyobalalela. Kodwa ngangazi okwehlukile.

65 Manje uma ngibheka ebandleni, futhi bathi, "O, lezozinsuku sezihambile, futhi ayikho into efana na*Lokho*," futhi, niyabo, niyabona ukuthi ubuyoba kuphi na? Bekuzophuma kuthi ngqu kusuke kokuhlosiwe. Niyabo?

66 Kodwa uma Ehlale enguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu. Wayelokhu enguNkulunkulu, futhi Angeke abe lutho olunye ngaphandle kukaNkulunkulu. Futhi UnguNkulunkulu, Phakade. Ngakho-ke, sifuna ukubheka kulokho Okuhlosiwe; hhayi lokho okuhlosiwe ibandla elidubula kukho, kodwa lokho Okuhlosiwe uKristu adubula kukho.

67 "Sibheke ukuthi uKristu avele, uJesu ofanayo." Wathi, ngenkathi Esemhlabeni, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. Nokho, niyoNgibona, ngokuba Ngiyoba nani kuze kube sekupheleni kwezwe." Lowo ofanayo Owayengaqondisa iZwi, futhi abe yiZwi, futhi aLiqondise liqonde ngqo kulokho Okuhlosiwe, yona leyoNkosi uJesu ilapha kulokhukusa ngesimo sikaMoya oNgcwele, ukuqondisa imicabango yethu futhi iyiqondise phansi, iZwi laYo, kuNkulunkulu oyedwa weqiniso nophilayo, enjongweni eyodwa, ekuzuzeni ngempumelelo okukodwa. Futhi uma nje sizomyeka akwenze, Uyogxilisa iZwi ngqo endaweni ezofakaza ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Kuncike kulokho ofuna ukukubheka.

68 Sifanele sigxilise ukuphila kwethu. Hhayi lokho okushiwo omunye umuntu, kodwa sigxilisa izimpilo zethu kuYe. Futhi UyiZwi. Niyabo? Uma senza izimpilo zethu zibe semgqeni neZwi, khona-ke iZwi nempilo yethu kuba yinto efanayo. Wathi, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini, khona-ke celani enikuthandayo. Kuzonikezwa nina. Ngiqinisile ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwe ukuthi lokho enikushilo kuzofezeka; ningaba nakho lokho enikushilo." O, he! "Hhayi engikushilo; *wena* okushilo, ungaba nakho," ngoba wena naYe niba ngofanayo. Ngoba, umqondo owawukuKristu ukuwe. Nomqondo owawukuKristu wawungukugcwalisa iZwi likaBaba. Okungukuthi, WayeyiZwi. Nakho lapho okhona. Bese-ke wena neZwi niqondisiwe ngqo, ndawonye. Niba ubunye obuphilayo bukaNkulunkulu. Kuhle kanjani!

69 Kwakukhona isikhathi lapho izono zomuntu. . . Lapho umuntu ona phambi kukaNkulunkulu, weqa igebe elikhulu. Njengoba umbhali asho lapha, ukuthi "Wabonakala ezinsukwini zokugcina ngenxa yensindiso kwabayibhekile." Manje, lendoda enkulu yegebe yawela, yangazishiyela-ndlela yokubuyela emuva. Ayikwazanga ukubuyela emuva futhi, ngoba seyeqe lokho kwehlukana phakathi kwayo noNkulunkulu.

70 UNkulunkulu, egcwele umusa nesihawu, wathatha isibambiso, futhi kwakuyiwundlu noma isilwane, sanikelwa, ukufa okuyisibambiso. "Kodwa igazi lezinkunzi nelezimbuzi," njengoba amaHeberu lapha asho, ngaphambi nje kwalapho ngifunde khona, "kwakungekwazi ukususa isono." Kwasibekela isono kuphela. Kwakuyinhlawulo, ngokweqiniso, kodwa kwasibekela isono nje, ngokuba kwakukhuluma ngonembeza omuhle, bebheke phambili ekufikeni kweGazi elalizohlanza isono, lisihlukanise, lisilahle phakade.

71 Manje, ngenkathi uJesu efika, Wayengeyena nje umuntu. Wayengeyena nje umuntu wesithathu kaziqu-zintathu. Yena, WayenguNkulunkulu. WayenguNkulunkulu, qobo lwaKhe. Yena, Wayengu-Emanuweli. Futhi siyafundiswa, eBhayibhelini, ukuthi, "Sisindiswa ngeGazi likaNkulunkulu."

Ngenkathi uNkulunkulu qobo lwaKhe eba ngomunye wethu, Wa—Waguqula eyaKhe—eyaKhe—eyaKhe, lokho Ayeyikho. Waguqula ithende laKhe. Wehla, wancipha wehla evela eNkazimulweni, futhi waba umuntu. Ngakho-ke, ezelwe ngaphandle kocansi, Wazidalela umzimba Ayehlala kuwo, Yena uqobo. U-Emanuweli, UNkulunkulu umelwe kanye nathi, uLizwi enziwe inyama phakathi kwethu, futhi wakha phakathi kwethu, ukuhlenga amadodana amaningi abuyele kuNkulunkulu, ngokuchithwa kwaleliGazi.

72 Umzimba, impela, wawunguKristu. Wawungogcotshiweyo. Futhi uma ukuthi *Kristu* kusho "Ogcotshiweyo," futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi UyiZwi, khona-ke iZwi liwugcobo. "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini, khona-ke yishoni enikuthandayo." YiZwi likaNkulunkulu, iZwi eligcotshiweyo, yilokho okukwenzayo.

73 Manje, kwaba khona isikhathi, njengoba ngike ngaphawula, ukuthi owesifazane, lapho ethola ibala o—ophisini wempahla emhlophe, yena . . . Ayikho indlela yokulisusa. Ngiyakhumbula ngenkathi umama wami wayevamise ukufaka ikhofi elimnyama kugrisi, ukuze azame ukususa ibala kokuthile. Ngikhumbula isikhathi wayevame ukuthatha ibhodlela elidala le-turpentine futhi azame ukugeza ibala, amafutha amalahle nokunye nokunye, ukususa ibala engutsheni. Awu, ubungeke nje ulinyakazise kahle. Usekhona umkhondo walo. Lokho, emfanekisweni, ngithanda ukukuthatha, njengegazi lezimbuzi nezimvu, nokunye nokunye.

74 Kodwa manje sebekhiqize into ebizwa ngesisusamabala. Naleso sisusa mabala, iClorox kumbe noma ngabe kuyini, yisisusa mabala esikhiqiziwe. Futhi lokho, kulokhukusa, ukuba benginobhavu ogcwele lelosisusa mabala uhlezi lapha, kanye ne—nesiconsiseli-so esincane kunoyinki omnyama kukho na? Ake sikufundisise umzuzu. Uyini lowo yinki omnyama na? Iningi lawo amanzi. Kodwa, umbala, uvelaphi umbala na? Umbala wawufanele uqale. Siyazi ukuthi udaliwe. Ngakho uma waqala ngokudaliwe, kwakufanele kuvele kuMdali ngaphambi kokuba ube ngokudaliwe.

75 Angazi ukuthi lawa magama asho ukuthini. Angikwazanga ukukuhlaziya. Kodwa nizowaxolela amagama engizowasebenzisa, kodwa ukuze ngiveze iphuzu. Awu, ake sithi, awu, lapho kuqathaka . . .

76 Leliconsi likayinki, manje, wawungokwenhloso. Lowo mbala uba yilowo mbala ngenhloso. Leloconsi elilodwa likayinki lingasayina isigwebo sakho sentambo, lingakuthumela esihlalweni sikagesi. Noma leloconsi likayinki lingakuthethelela ezonweni zakho. Lalibekwe lapha ngenhloso. Sifanele silisebenzisele into efanele.

77 Kodwa, ngokwesibonelo, sekuveziwe. Futhi siqathaza leloconsi elilodwa likayinki kubhavu ogcwele isisusa mabala. Kwenzekani kulo na? Awuboni kwenzeka lutho, kodwa awusekho umbala. Umbala uyahlakazeka. Awazi ukuthi ushonephi. Awu, uphendukele emuva kuma-asidi. Isizathu, amanzi ayifomu, ane-$H_2O$, abuyela emuva, amanzi, abuyele emanzini asesisuseni mabala. Kodwa ikhemikhali kulesi sisusa mabala yakwephuka lokho ngokuphelele, uze ungabe usakwazi ukuthola ibala lakho. Alisekho. Lihlakazekele phakathi, asithi, labuyela kuma-asidi. Avelaphi ama-asidi na? Iqhubekela emuva, asithi, ivela—ivela kuma-athomu, ini, noma amamolekhuli. Futhi yimaphi amamolekhuli na? Imolekhuli evela kuma-athomu, ama-athomu kuya kuma-elekthroni, nokunye nokunye nokunye nokunye, njengoba uqhubeka.

78 Ake sicabange ngakho. Lapho liqala emuva lapho, sithi livela ku-athomu, noma livela kumolekhuli, asithi, imolekhuli fo-wani uyiphinda nge-molekhuli sikisi-nayini kwenze imolekhuli H. Kuthiwani uma bekuyi sikisi-eyithi esikhundleni se sikisi-nayini na? Bekuyophuma ophinki esikhundleni somnyama. Okuthile kwakufanele kunqume. Ukuba-ke bekuyi-athomu uyiphinda no fo, uyiphinde nosikisi, nothwalofu na? Bekufanele kube njalo. . . Uma kuphuma kungu sikisi esikhundleni sika leveni, bekungaba nsundu. Niyabo? Kwakufanele kuvele ndawana-thile kowakwakha.

79 Bheka ngefasitela kuleso sihlahla sesundu. Siyini na? Ngumlotha wentaba-mlilo ophilayo kuso. Bheka ngaphesheya komgwaqo ukusuka kuso, ubona ugamtrini. Uyini na? Umlotha wentaba-mlilo ophilayo kuso, uhlobo oluhlukile. Bheka, ubona imbali. Iyini na? Umlotha wentaba-mlilo ophilayo kuyo. Wavelaphi umbala na? Cabanga nje ngalokho. Awu, Ubani owafaka umbala kuleyo mbali na? Kunezimbali ezimbili, zohlobo olufanayo, enye iphuzi nenye ibomvu. Zombili zivela embewini encane. Futhi kuthiwani, uvelaphi umbala na? Ingxenye yawo iluhlaza satshani, ingxenye emhlophe, ingxenye ebomvu, ingxenye iphuzi, ukwenza umbala kwavelaphi na? Ilanga elifanayo lalikhanya endaweni efanayo. Kukhona okumele kukunqume. Kuyinto yemvelo, ngakho kwakufanele kube nokudaliweyo ndawana-thile. Manje bhekani, khona-ke, lenzani na? Lihlehla lithi ngqu emuva ekuqaleni, kuMdali.

80 Manje-ke uma isono sibeka ibala esidalweni esingumuntu, noMose, ngokunikela ngemvu, wayengathatha i—iZwi likaNkulunkulu . . .

“Ngizofaka amazwi aMi emlonyeni wakho.”

81 Futhi waphuma lapho neZwi likaNkulunkulu, wayesethi, “Makube khona izimpukane.” Futhi kwakungekho mpukane, ndawo. Esikhathini esingaphansi kwemizuzu emihlanu, mhlawumbe, impukane endala eluhlaza-satshani iqala

ukubhuza izungeza. Eminye imizuzu eyishumi, mhlawumbe kwakukhona ezingamaphawundi amabili ayisikwele egcekeni. Kwakuyini na? IZwi likaNkulunkulu emlonyeni womprofethi waKhe. IZwi likaNkulunkulu liyadala, kodwa lifanele liphume emthonjeni ofanele.

82 Bese kuthi-ke uma uNkulunkulu engathatha lowomuntu, futhi ahlanganise indlela ewela lapho, ngegazi lezimvu nelembuzi, futhi ubengenza iZwi likaNkulunkulu elidalayo ngomlomo womuntu, kakhulu kangakanani. . . hhayi kuphela, kodwa elidalayo. . . noma amandla omhlatshelo wenkunzi noma wembuzi. Kodwa iGazi likaJesu Kristu, ukuthi lapho isono sivunywa futhi siqathakela kuleso sisusa mabala sikaNkulunkulu, engeyakhe. . . Indlela kaNkulunkulu edalayo yokususa ibala, kuze kube manje, ukuthi libekwe oLwandle lokuKhohlwa, ukuze lungabe lusakhunjulwa.

83 Lapho umuntu evuma izono zakhe futhi elungisane noNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uqathaza isono salokhu kuvuma eGazini leGazi laKhe uQobo, futhi athethelele lesosono, futhi—futhi ubeka esikhundleni kulowomuntu uMoya wasekuqaleni owawufanele ukuba lapho, uMoya waKhe uQobo, umenza indodana kaNkulunkulu, kakhulu kangakanani amandla kaNkulunkulu adalayo abe seBandleni! Niyabo? Lihlakaza zonke izindonga zesono. Liyahlakaza. Niyabo?

84 Abantu namuhla bazama ukuthi, "Lawo mazwi ayesemuva komunye unyaka." Kunjalo, uma usaphumile ngaphansi kwaleloGazi.

85 Kodwa uma ungaphansi kwaleloGazi, amandla kaNkulunkulu ngeZwi laKhe ahlala efana. Kufanele kufane. Uma Wayengakwenza lokho ngegazi lezimvu nelezilwane, kuthiwani ngeGazi likaJesu Kristu na?

86 Ngingakwenza. Sifanele sibhekane nezimpilo zethu futhi sikuqondanise neZwi likaNkulunkulu. Njengoba nje besingenza ikhamera yesithombe, noma sizame ukuqondisa okuyikho ngaphambi kokuthi sisithwebule, futhi khona-ke sesinesithombe sangempela seqiniso. Yilokho esifuna ukukwenza, ukuqondisa izimpilo zethu kuJesu Kristu, lowo Kristu futhi uba nguMuntu ofanayo. Uyindodana eyamukelwa uNkulunkulu ngeGazi likaJesu Kristu elilungileyo.

87 Khona-ke iBandla beliyoqhubeka ngaphandle kokungqubuzana, ngaphandle kokuzwa ubuhlungu, ngaphandle kokulimala, ngaphandle—ngaphandle kokungabaza, ngaphandle kwamathizethize, ngaphandle kokungqubuzana. Beliyobe lihamba ngamandla eZwi likaNkulunkulu, ebonakalisa sonke isibusiso sobuNkulunkulu uNkulunkulu asithembisa kuLo, uma nje belingenza lokho.

88 Sifanele senze izimpilo zethu, bese kuthi-ke sibone Yena futhi sibona Yena kuphela, hhayi umbhishobhi othile, indoda

ethile enkulu, noma okuthile esithatha iphethini ngakho, kodwa sibheka kuJesu Kristu. Hhayi inhlangano ethile, hhayi upapa othile, noma—noma umbhishobhi omkhulu waseCanterbury, noma omunye "umuntu onobuNkulunkulu," lokho esikubiza emhlabeni. Kodwa sifanele sibheke kuJesu Kristu. UyiZwi. Futhi i o-. . .

89 U-Abrahama, ngenkathi ecelwa ukuba agogobale ezweni elingaziwa, futhi abheke isithembiso, akazange asingabaze isithembiso.

UmKristu ubheka kokungabonwayo.

90 Khumbula, uphiwe imizwa emihlanu. Enye yazo ukubona. Kodwa ngizokufakazisa kini, ukubona kwakho akuboni konke. Lapha, kulokhukusa, khona kuleligumbi khona manje, kukhona imifanekiso ephilayo yezidalwa kuleligumbi. Kukhona amazwi aphilayo kuleligumbi. Uma ungaboni, khona-ke hamba uvule ithelevishini futhi ubone ukuthi abekho yini abantu abathe ngqu esizweni sonke omelwe khona lapha kuleligumbi kulokhukusa. Iziqu zabo nobubona babo kudlula kuleligumbi. Ingabe kuliqiniso lokho na? Ngani na? Okuwukuphela kwendlela oyoke ukwazi ngayo, isidluliseli, ukukucosha futhi ukudlulisele kokuphathekayo.

91 Futhi indlela kuphela iBandla eliyoke lazi ngayo ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade, ukungena kuleso sidluliseli, iGazi elidlulisa izono zethu zisuke kithi, futhi sisiwelise kulelogebe, singene eBukhoneni bukaNkulunkulu, singamadodana kaNkulunkulu Azimele Yena kuwo. O, into enkulu kangaka pho! Uma singabheka lokho kulokhukusa, singakhohlwa imehluko yezinto ezisezweni namuhla, nezinto abanye abantu abazibhekile, nezibalo ezinkulu nokunye nokunye. "Sibheke kuJesu Kristu, OnguMqambi noMphelelisi wokuKholwa kwethu."

92 Manje khumbulani, zonke izikhali zomKristu zingaphezu kwemvelo, uma ungumKristu.

93 Wena uthi, "Ukubona ukukholwa." Awusoze waba umKristu uma ukukholwa lokho.

94 "Ngokuba ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, iqiniso ngezinto ezingabonwayo." Ungeke ube ngumKristu futhi ufanele uyibone into. Zonke izikhali zikaNkulunkulu zingaphezu kwemvelo. Uthando, injabulo, ukuthula, ukukholwa, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, noMoya oNgcwele, konke akubonakali. Futhi umKristu akabheki kulokho akubona ngamehlo akhe. Ubheka lokho akubonayo ngokukholwa kwakhe.

95 Nokukholwa kwakhe kuphela kungasekeleka phezu kwento eyodwa, lelo yiZwi. Amen. Manje ngizizwa njengomBaptisti omemezayo. Yebo, mnumzane. Niyabo? Lapho ufika kuleloZwi, leyo yinto ephilayo. Lelo yiZwi. Lapho ingqondo namehlo akho

kungaba kunye kuleloZwi, futhi uqondise lokho ngqo uze ubone ncamashi lokho uNkulunkulu akwenzayo, into emangalisa kanje pho.

96 U-Abrahama wakubona. Niyabo? Akazange abheke noma yikuphi kokungaqondwa kahle kwesithembiso. Ukuba-ke ubeyobheka futhi athi, "Lapha ngineminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala. Futhi iphimbo elingu*kuthi-nokuthi* lakhuluma kimi futhi lathi ngizoba nengane ngomkami. Uneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, cishe iminyaka eyishumi nanhlanu, amashumi amabili, esedlulile ukuya esikhathini"? Yina ayengabe uyenzile na? Kodwa wenzani na? Akazange anake kulokho izinto zemvelo ezaziyikho. Wabheka kulokho uNkulunkulu ayekushilo. Kwaba yiqiniso elinjalo kuye waze wangabona lutho olunye ngaphandle kwalokho uNkulunkulu akusho. Washiya ikhaya lakhe. Wazehlukanisa nakho konke ukungakholwa, noma yini eyayingazama ukumdonsa imsuse. Wazihlukanisa ukuze ahambe yedwa.

97 Yilokho wonke amakholwa oqobo afanele akwenze. Zahlukanise nalaba bangabazi nabangakholwayo, futhi uhambe noKristu. Khona, ngukuPhila, kuwe.

98 Futhi u-Abrahama wenza into enjalo. Futhi eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu kamuva, simthola esakholelwa isithembiso esifanayo. Kungani na? Wayeqondise umqondo wakhe—wakhe entandweni kaNkulunkulu, ngeZwi likaNkulunkulu, futhi walikholwa.

99 Uma singaziqondisa ecebweni likaNkulunkulu, kulokho uNkulunkulu asifunela khona, nalokho uNkulunkulu asethembise khona, futhi siyekele konke okunye. Kungenandaba ukuthi kude kangakanani, qhubeka nje ukholwa.

100 KwabaseRoma 4 lapha, sithola abaseRoma 4:14. Kwathi, "Futhi akazange angabaze esithembisweni sikaNkulunkulu, ngokungakholwa." Akazange avumele ukungakholwa kumpnakalise, nhlobo. Wabheka entweni eyodwa, lokho kwakungukuthi, iPhimbo elakhuluma naye.

101 Yilokho iBandla ebelifanele likwenze namuhla. Bheka entweni eyodwa, iPhimbo, iZwi likaNkulunkulu elikhuluma kithi. Amasonto nabantu bangakhuluma nganoma iyiphi indlela. Kodwa, bheka ePhimbweni. Sibhekeni na?

102 Wabheka iPhimbo elakhuluma naye. "Wabiza yonke into, ngokuphambene naleloPhimbo, njengokuthi yayingenjalo." Futhi nokho, ngokwezinto ezibonakalayo, kwakungaqondile kakhulu nje ezweni njengoba kwakunjalo ngesikhathi sikaNowa. Kwakungaqondile kakhulu nje.

103 Ngoba kungani na? Isikhathi sikaNowa, abakwazanga ukufakazisa ukuthi kwakukhona imvula phezulu lapho. Kodwa

uNowa wayazi ukuthi, uma uNkulunkulu esho njalo, Wayekwazi ukunisa imvula phezulu lapho.

104 U-Abrahama wayazi ukuthi umzimba wakhe—wakhe wawunjengofileyo, kodwa akawunakanga umzimba wakhe uqobo. Akakunakanga ukufa kwesibeletho sikaSara. Intombazane encane, wayeshade nodadewabo ingxenye, wahlala naye yonke le minyaka. Futhi manje owesifazane useneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, futhi yena owesilisa useneminyaka eyikhulu ubudala. Kodwa akazange ngisho acabange ngalokho. Lokho akuzange ngisho kufike nasemqondweni wakhe. Kungani na? Wayeqondise wakhipha konke ukungakholwa. O, udumo!

105 Yilokho iBandla elifanele likwenze. Yilokho ilungu ngalinye leBandla elifanele likwenze, bekuyoqondisa uphume kukho konke ukungabaza kwakho. Bheka kuleloZwi kuphela. Lakwethembisa. UNkulunkulu washo njalo. Kufanele kube ngaleyondlela.

106 IBhayibheli lathi, “Ngokumelene nethemba, wayekholelwa ethembeni. Akazange angabaze esethembisweni sikaNkulunkulu, ngokungakholwa, kodwa waqina, edumisa uNkulunkulu.” Usuku ngalunye wayeba namandla ngoba isimangaliso sasiyoba sikhulu ngokwedlulele.

107 Kwezinye izikhathi asikwazi ukulinda ukusuka ebusukwini obubodwa kuya kobunye. Kwezinye izikhathi asikwazi ukulinda ukusuka kwenye imvuselelo kuye kwenye. Sifanele siphume futhi sithandelane nezinto zezwe. Besifanele sibe namahloni kanjani ngathi.

108 Ngaphambi kokuba size lapha ukuzovuma futhi singene kuleloGazi likaJesu elisihlanza kuso sonke isono, sifanele siziqondise sehle, ukubona lowoNkulunkulu oyedwa weqiniso ophilayo emi lapho, Owenza isithembiso, ukuthi, “Kodlula amaZulu nomhlaba, kepha iZwi laKhe alinakuhluleka.” Hlala khona lapho phezu kwaLelo, khona-ke awuzanyazanyiswa ngapha nangapha yimimoya yemfundiso, uyiswa le nale usuka endaweni uya endaweni, usuka ensikeni uya ensikeni.

109 Kodwa, uyazi lapho omi khona, ngoba uvalelwe noNkulunkulu. Uyabona impilo yakho uqobo ishaya lokho okuhlosiwe, njengoba kwenza labo baphostoli. Uphila ngendlela ababephila ngayo. Wabhaphathizwa ngendlela ababhaphathizwa ngayo. Ubona imiphumela efanayo naleyo abayibonile. Uyayibona isebenza kuwena. Uqondanisiwe ngqo. Angikhathali ukuthi inkampani ithini nokuthi amahlelo athini. Uqondanisiwe ngqo, ngoba uyazi ukuthi ushaya okuhlosiwe. Amen. Khona-ke uyazi lapho umi khona. Kuncike kulokho okubhekile. Uma ubheka komunye umuntu, uzohamba noma kanjani. Noma yikuphi ukufuqa komoya omncane kuzokuphephula usuke kokuhlosiwe. Kodwa, o, awukwazi

ukupheshulwa usuke kokuhlosiwe lapho uqondiswe ngqo. Yilokho kuphela. Akukho okuzoyivimba. UNkulunkulu uyakuthwala ufinyelele kukho . . .

110 Njengetshe elincane likaDavide endwayimaneni, laqonda lapho lapho elaliphokophele khona.

111 Kanjalo nemikhuleko yakho izoqonda ngqo lapho iphokophele khona, ngoba unikelwe eGazini likaJesu Kristu elikuhlanzayo. Asikho isono noma ibala kuwe ndawo. Kunjalo. Ngeke kube khona. Inqobo nje lapho leyoClorox iphakathi kwami noNkulunkulu, Uzosibona kanjani isono sami na? Angakwenza kanjani na?

112 Uma ngenza isono, akukhona ngamabomu. "Lowo owona ngamabomu ngemva kokuba esemukele ulwazi lweQiniso." Kodwa asikho isono samabomu, nokho uyona. Kodwa awukwenzi ngamabomu, ngoba, enhliziyweni yakho, a— awuqondile ukwenza lezo zinto.

113 Kodwa lapho ukwenza ngamabomu, kwehlukile, khona-ke ngicabanga ukuthi wawungekho lapho kwasekuqaleni.

114 Manje, into yakho ingukuthi, sekufike endaweni lapho lonke ibala lesono ligezwe nya. Khona-ke uyasukuma, uhlengwe ngeGazi leWundlu. Ungu-Adamu, njengoba wayenjalo ngaphambi kokuba awe. Uyindodana kaNkulunkulu, ugezwe eGazini leGazi likaNkulunkulu uQobo.

115 Kwakuyigazi eliveza umntwana. Kwakuyigazi kuphela, lodwa. Igazi levela ebulilini bowesilisa. Igazi livela endodeni. Owesifazane, ukhiqiza iqanda, isigcwalisi. Kodwa indoda iyinhlayiya ebomvu yegazi, okungukuthi, lapho kufika imbewana. Futhi embewaneni yilapho—yilapho ukuphila kulele khona.

116 Futhi ukuPhila akufiki ngokuvuma ebandleni elithile, noma isivumokholo esithile, noma incwadi ethile. Kodwa ukuPhila kufika lapho usuzelwe ngokusha ngeGazi likaJesu Kristu, i—iMbewana. "I—imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza. Okholwa yiMi, noma efile, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa." Kukhona lokho kuPhila kukaNkulunkulu, njengendodana kaNkulunkulu, ezelwe ngeGazi likaNkulunkulu. Futhi wena . . . UMoya oNgcwele ofanayo owaloba leliBhayibheli uzoLiqondisa ngqo kuwe futhi. Alikho ihlelo noma isivumokholo esingakwenza lokho. UNkulunkulu kuphela qobo lwaKhe ongakwazi ukubamba ikhamera yamehlo akho futhi akuvumele ukuthi ubone ukuthi uNkulunkulu uyini, nokuthi iyini inhloso yaKhe. Yebo, mnumzane. Impela.

117 Manje siyathola, uMose. Siyathola, kamuva, wa—wakha . . . Wabona u-Israyeli. UMose, umprofethi omkhulu, walunguza ngamafasitela. Wakhulela emagcekeni kaFaro. Futhi walunguza ngefasitela wabona isigejane sabaxovi bodaka. Akukho lutho ngaphandle kwabantu abagqoke uhhafu abanemivimbo

yeziswebhu emhlane wabo, ayikho nhlobo indlela yokuba bakhululwe. Kodwa uMose wayelazi iZwi likaNkulunkulu, futhi wababheka njengabantu ababethenjisiwe. Wababheka njengabantu ababenesithembiso. Akunandaba ukuthi izwe, ngalolosuku, lalibabhekela phansi kangakanani, njengesigejane sabaxovi bodaka noma izigqila, wababheka njengabantu abanesithembiso.

118 UFaro wababheka, ngefasitela elifanayo, kodwa wabona izigqila.

119 UMose ubone ukunqoba. Ngani na? Wayeziqondisile. Nakuba eyinkosana, nakuba eyindlalifa yesihlalo sobukhosi saseGibhithe, waziqondisa kude nenkanuko yezwe. Waziqondisa kude nobuhle namandla ayenawo ngokwamandla akhe ukuba awamukele. Wakuqondisa wakususa lokho, waze wabona abantu ababusisiwe ngaleya, ngesithembiso sikaNkulunkulu. Waqondisa ngqo, ngoba wayazi ukuthi uNkulunkulu wethembisa u-Abrahama ukuthi Wayezovakashela abantu baKhe. Futhi wayazi ukuthi wayekhuliselwe leyonhloso, futhi wakuqondisa konke.

120 UFaro wayengenalo lelikhono. Wanikezwa khona, kodwa wakwala. Futhi lapho ekwala, khona-ke akakwazanga ukuqondisa.

121 Akukho-muntu, emva kokuba esenqabe iZwi likaNkulunkulu, ongake aziqondise kuLo, ngoba wenqaba iZwi elikuletha ebudlelwaneni kukaKristu. Kunjalo. Ngakho . . .

122 Kodwa, uMose wabheka ngalelifasitela, wakukholwa. Ngani na? UMose wabheka ngokukholwa. Wabheka kanjalo-ke uMose.

123 Manje lalelisisani kulokhu kuphawula. Ukukholwa! Manje, ningakhohlwa ukuthola lokhu manje. Ukukholwa kwenzelwe ukubona lokho uNkulunkulu akuthandayo nakufunayo. Alukho ulwazi olungenza lokho. Ukukholwa kukodwa kwenziwe, futhi ukunikeza uhlanga lwesintu, ukuthola ukuthi iyini intando kaNkulunkulu.

124 Futhi uthatha ukukholwa kwakho onakho, futhi akuqondani neZwi, khona-ke kuyeke. Unokukholwa okungalungile.

125 Kodwa lapho ukukholwa kwakho okunikezwe nguNkulunkulu kuqondana neZwi likaNkulunkulu, usemgqeni ngqo futhi uqondaniswe ngqo. O, he! UNkulunkulu asisize kulelihora, ihora elikhulu esiphila kulo. Ukukholwa, kwenzelwe ukubona lokho uNkulunkulu akufunayo! Ukubona kanjani na? Ngekhamera yeZwi laKhe, isithembiso saKhe. *Lesi* isambulo esigcwele sikaJesu Kristu.

126 Manje-ke, lapho ukukholwa okukuwe, kukuqondanisa naleliZwi, uqondaniswe kude nawo wonke amahlelo nezivumokholo nakho konke. Uqondaniswe ngqo eZwini likaNkulunkulu. Uqondaniswe ngqo. Kudinga kuphela

ukuthintwa kancane. Amen. Lowomkhuleko undizela ngqo eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba akukho lutho olungawuvimba. Yebo. Yilokho okukwenzayo, lapho uqondaniswe ngqo noNkulunkulu, uqondanisiwe, ngaleso sikhathi-ke ubheke kokuhlosiwe.

127 Awubheki lokho omunye umuntu athi, "*Lokhu* akunakwenzeka, futhi *lokhu* akunakwenzeka."

128 Ubheke kulokho okwaziyo ukuthi kwenzekile. Bheka kokuhlosiwe kwakho. Uyabona lapho bekushaye khona. Uma bakushaya ngalolosuku, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Qondanisa kuzo zonke lezizivumokholo nezinto ozixubile. Buyela ngqo eZwini, bese-ke uvuma ukungakholwa kwakho, futhi uvumele uNkulunkulu athathe uMoya waKhe oNgcwele futhi aqondise amehlo akho aqonde ngqo kuJesu Kristu. Sibheke kuYe-ke, hhayi lokho omunye umuntu akushoyo.

129 Hhayi ngisho lokho okushiwo udokotela, kukuhle njengoba kungahle kube njalo. Yena unendawo yakhe. Ibandla, kukuhle njengoba . . . Kunendawo yakho. Asikuphiki lokho. Kodwa kune, konke kunendawo yakho. Kuzodubula, kodwa ngeke kushaye okuhlosiwe.

130 "Yilabo kuphela ababheka uKristu okwesibili." Lokho ukuqondanisa ngqo. Kuya ngokuthi ubhekeni. Yebo.

131 Manje, namuhla, niyabo, ukukholwa kwenzelwe ukwenza lokhu. Ukukholwa okufanayo namhlanje kubona into efanayo. Ukukholwa kweBandla namuhla kufanele kubone uhlelo lukaNkulunkulu olufanayo. Ngifuna ningakugeji lokhu manje. IBandla namuhla, elibizwa ngelikaNkulunkulu, impela lizobona uhlelo lukaNkulunkulu, ngoba uhlelo lukaNkulunkulu lulotshwe *Lapha*, iPulani. NoMoya oNgcwele, ngokukholwa, nguYe OLifundayo futhi aLihlanganise ndawonye.

132 Manje-ke umuntu angasho kanjani ukuthi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi uMoya oNgcwele usho indlela ethile yokwenza okuthile eBhayibhelini, futhi lo muntu uyafika, wathi, "O, awu, lokho ukushiseka ngokweqile"? Ngabe uMoya oNgcwele, ube nguMoya oNgcwele wangempela, uphike iZwi laWo uQobo na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Qhabo. Uzofanele uhlale neZwi ngoba UnguNkulunkulu. Niyabo?

133 Ubhekeni na? Ubonani na? Sifanele sibone uJesu. Futhi indlela kuphela esibona ngayo uJesu, bona iZwi. *Lolu* u—uPhawu lwemvelo lukaMoya. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? LiyiNcwadi uMoya ayiphilisayo. Niyabo? Leyo yiNcwadi, leyo, noMoya uyayiphilisa leNcwadi futhi aYenze ibe ngephathekayo. Ya.

134 UMose wabheka ngokukholwa. Futhi umuntu namuhla obona uhlelo lukaNkulunkulu, wenza into efanayo, ubheka ngokukholwa.

135 UMose, kamuva, wayibona lento enkulu. Lapho abantu bengena enkathazweni, wenzani yena na? Wenza inyoka yethusi, wayibeka phezu kwesigxobo. Wayesethi, lapho sebelunywe yizinyoka, ngenxa yokungakholwa kwabo, ukuthi, “Obheka le nyoka waphila.” Qaphelani. Indoda eyavele yafika yabheka . . .

136 Manje, induku, isigxobo eyayikuso, kwakuyisiqephu sesihlahla esagawulwa phansi lapho ehlane, mhlawumbe ucezu lwesihlahla imesquite, noma—noma into ethize eningaba nayo lapha, umsimbithi, kumbe noma kungaba yini. Sase sihlukanisiwe ekukhuleni kwaso kwemvelo. Sasifile, ngaphakathi kwaso uqobo. Ithusi cishe laliwucezu lwezigqoko zokuzivikela ezivela kumaRoma, noma—noma okuthile ababekuthathe ekusindiseni. Labunjwa lahlanganiswa, lenziwa inyoka.

137 Uma abantu bephumela lapho, njengesithixo nje, ukuba babheke kuleyonyoka, abamukelanga lutho.

138 Kodwa ngenkathi ikholwa leqiniso liphuma lapho futhi labheka kuleyonyoka, neQiniso elembuliwe lokomoya . . . Leyonyoka ngokwayo, njengoba yayisesimweni senyoka, yayimelele isono esivele sesahlulelwe. Babone isono, ukungakholwa kwabo, sekuvele kungaphansi kokwahlulelwa, enyokeni yasensimini yase-Edene. Nenyoka yenziwa ngethusi, okusho ukwahlulelwa kobuNkulunkulu. Niyabo?

139 I-altare lalenziwe ngethusi, i-altare lethusi, umhlatshelo owawunikelwa phezu kwalo; ithusi, ukwahlulela kukaNkulunkulu.

140 Umprofethi omkhulu, u-Eliya, ngenkathi ebheka phezulu ezibhakabhakeni, ngezinsuku zenkonzo yakhe, iminyaka emithathu nengxenye, futhi kwakungekho—ngekho manzi, nhlobo. Wathi, “Isibhakabhaka sibukeka njengethusi.” Kwakuyini na? Isahlulelo sobuNkulunkulu phezu kwesizwe esingakholwa, somlayezo kaNkulunkulu, ukuthi ukukholwa kwabo kwakufiphele kakhulu, abakwazanga ukukubona ngalolosuku.

141 Ngiyazibuza namhlanje, uma sibona wonke amahayidrojini nomoya-mpilo, namabhomu nezinto esizidalile, ngiyazibuza uma singasiboni isizwe, isikhathi, sibukeka njengethusi. Ngukwahlulela ngokukaNkulunkulu.

142 Sesijule kakhulu—kakhulu ekuhlakanipheni kwethu. Sibafundisile abantwana bethu saze sathola isigejane soricky. Futhi sinakho esinakho, ngisho namabandla ethu nezinto. Nabafana bethu baya emakolishi enkolo, bephuma lapha, futhi behlele lapho futhi bafunde iPh.D. kanye ne-L.L.D. Ake nginitshele okuthile. Ngaso sonke isikhathi lapho ethola eyodwa, uya ngokuqhela ngokuqhela kuNkulunkulu.

143 UNkulunkulu ulula kakhulu. Isizathu sokuthi umuntu angamtholi uNkulunkulu, akabi lula ngokwanele.

Omunye wathi, “Mfowethu Branham, uyibona kanjani imibono na?”

144 Akumina. Niyabo? U—ufanele uzikhiphe esithombeni. UNkulunkulu wenza isithembiso. UNkulunkulu ufanele ahlale nalesosithembiso. Kodwa wena ufanele ube lula ngokwanele ukuze uphume endleleni yakho uqobo.

145 Omunye wathi, “Lona ubengaba indoda enkulu uma ebene-L.L.D. ephuma ekolishi lethu.” Uma enza kanjalo, uvele ahambe elinye igebe esuka kuNkulunkulu.

146 “Amadoda namuhla angathumela umlayezo,” ngithe, “enyangeni, kodwa uhamba phezu kotshani lapho engakwazi ukuchaza uma efanele akwenze.” UNkulunkulu ufihlwe ebululeni. Niyabo? Awukwazi ukuba lula ngokwanele. Indoda ithola imfundo, into yokuqala eyaziyo, inkulu kakhulu, ayikwazi ukuzithoba.

147 Futhi uNkulunkulu mkhulu kakhulu, kangangokuthi UyaZithoba futhi aZifihle kwisoni. UJesu wambonga uNkulunkulu ngakho. Wathi, “NgiyaKubonga, Baba, Mdali wamazulu nomhlaba, ukufihlile Lokhu kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi Wakwembulela izingane zona eziyofunda.” Indlela yokwazi uNkulunkulu iba lula. Indlela eya phezulu iphansi.

148 Iyiphi indlela esenyakatho noma eningizimu na? Yima esikhaleni. Niyabo?

149 Indlela eya phezulu iphansi. “Ozithobayo uyakuphakanyiswa. Oziphakamisayo uyakuthotshiswa.” Niyabo? Sifanele sizithobe, singazami ukwazi kakhulu.

150 Yazi into eyodwa nje. Qondanisa konke okunye kusuke endleleni, futhi ubheke kuKristu. Uma ungazi ukuthi ulibhala kanjani igama lakho, lokho akuhlanganise nalutho nakho. Vele uqondise inhliziyo yakho kuKristu nasentandweni yaKhe, futhi ubheke ukuthi kwenzekani. Yebo. Impela.

151 Manje, abaningi beza lapho futhi babona, bathi, “Kukhona inyoka enkulu. Abantu baphumela lapho futhi baphulukiswe, ngokubheka inyoka. Mhlawumbe kungcono sithathe umndeni siye ngale.”

152 Uyazizwa izinto ezinjalo namuhla. “Kukhona umphulukisi omkhulu oza edolobheni. Futhi yena, lapho, sonke sizoya ngale futhi siphulukiswe.” Manje, lapho ucabanga ngaleyondlela, ngokuqinisekile unekhamera yakho ingasaqondisiwe. Yebo, mnumzane.

153 Iqondise phansi kuJesu, futhi Yena kuphela. Bheka kuYe, futhi uzobona ukuthi iyini inhloso kaNkulunkulu.

154 Manje, ngenkathi lowomHeberu ekhuphuka lapho futhi wabheka leyonyoka yethusi, wayesethi, “Lelothusi, leyonyoka, isho isono esesivele sahlulelwe. Ithusi liyisahlulelo

sobuNkulunkulu phezu kwayo, futhi uNkulunkulu uzahlulele izono zami. Futhi—futhi nginjalo. . .Ngalenyoka yethusi, imele okuthile okuzayo, isono esesivele sahlulelwe. Ngikhululekile." Waphulukiswa. Kunjalo.

155 Futhi namuhla, uJesu wathi kuJohane oNgcwele 3:14, "Njengoba uMose waphakamisa inyoka yethusi ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu kumelwe iphakanyiswe." Uma ungaYibheka; hhayi njengendoda yesonto, hhayi njengomphrofethi, hhayi njengendoda elungile nje, hhayi njengomuntu wesithathu kaziqu-zintathu, noma okuthile. Uma ungaMbheka njengo-Emanuweli, qobo lwaKhe, Owehla futhi wanikela ngokuphila kwaKhe. Futhi waphakanyiswa, ukuthi, "Yilowo nalowo okholwa kuYe akayikubhubha, kodwa abe nokuPhila okuPhakade."

156 Uma ungaqondisa ikhamera yakho uze ukubone lokho, futhi wazi ukuthi kubiza ukuphila kukaNkulunkulu, qobo lwaKhe, ngenkathi Enza ukuphila kwaKhe lapha. Kwakungadingekile ukuba akudele. Wakubeka phansi, ngesihle. WayenguNkulunkulu. Wayengadingekile ukuba afe, kodwa Wakwenza, ngesihle, wanikela ngokuphila kwaKhe uqobo, ukuze Alethe amadodana kuYe, ukuze umsebenzi waKhe uqhubeke. "Imisebenzi eNgiyenzayo," uJohane 14:12, "imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza." Uma izinto bezingenziwa kanjalo, futhi ungaMbona futhi ubone Yena kuphela, khona-ke uzoqondisa ikhamera yakho, niyabo, endaweni lapho uNkulunkulu angakusebenzisa khona. Impela.

157 Manje, uma nje ubheka kukho, uthi, "Nginesiphambano esincane silenga emotweni yami. Nginesisodwa ekhaya lami, isiphambano." Kulungile lokho. Kodwa lokho akusikho okuyikho. Lokho akusikho Akhuluma ngakho.

158 Ufanele ubone ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi uyisoni. Nokuthi uzivumile izono zakho, noNkulunkulu wabeka ububi bakho phezu kwaKhe, phezu kwaKhe uqobo, futhi waba ngumuntu. Weqa uhlobo lwaKhe, futhi wehla ekubeni nguNkulunkulu, ukuba umuntu, ukuze Afe esikhundleni sakho, ukuba azinikele Yena uqobo ngenxa yakho. Futhi wasivuma isono sakho. Futhi hhayi iClorox eyenziwe. Kodwa a—amandla kaNkulunkulu enziwa iGazi, ukuze Asuse igazi lakho ngesifiso socansi, futhi akwenze ube owesilisa nowesifazane okhululekile kaNkulunkulu. Nakho lapho okhona.

159 Ubhekeni na? Wena uthi, "O, ngingowe-Assemblies of God. Ngiwowe-United Pentecostal. NgingoweMethodisti, iBaptisti." Usaziqondisile wasuka.

160 Ziqondanise kuJesu Kristu. Amen. Yizwa impendulo ibuya, "Zonke izono zakho, eziningi, zithethelelwe zonke." Yiba per-. . .

161 Phikelela, njengowesifazane omncane waseSirofenike. Akunandaba ukuthi kungaki ukudumazeka ayenakho, lapho ehla, wayesalokhu eziqondisile kukho, ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu. Futhi uza kuYe futhi wakuthola akucela, ngoba wayeziqondise kahle. Wayenakho, akunandaba ukuthi zingaki iziphepho zomoya ezifikayo, futhi ethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Umyeni wakho uzokushiya." Lokho akuzange kumkhathaze nakancane. Leyo nhlamvu yaqonda ngqo lapho iqonde khona. Amen. Singaqondisa kukho . . .

162 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . isikhathi. Khona-ke sibheke Yena ukuba afike, nguye ohambayo. O, he! Niyabo, ufanele uthole inhloso. Ufanele wazi ukuthi kuyini.

163 Bheka isango lezimvu. Kwakukhona abantu. UNkulunkulu ubelokhu enendlela yokuthi umuntu abheke insindiso. Leyonyoka yethusi, abantu babefanele bayibheke. Kunjalo. Futhi ngasesangweni lezimvu, babefanele bayibheke. Labobantu behlezi lapho.

164 Ake sicabange ukuthi kwakuyisibhedlela. Kwakukhona abaningi abagulayo nabahluphekileyo. Kwakukhona izinkulungwane, izixuku zilele lapho, njengesibhedlela namhlanje. Izandla ezithambile zabathandekayo babo zazibalindile, ncamashi nje njengoba bebengenza esibhedlela namuhla.

165 Babelindile. Amehlo abo ayebheka lawo manzi. Kwakukhona imipheme eyisihlanu lapho isango lezimvu lalikhona. E . . . Kungaphandle kweJerusalema, nalapho, noma lelisango. Kwase kuthi-ke lapho engena, wabheka. Kwakufanele kube khona okuthile okungaphezu kwemvelo okwenzekayo. Futhi kwathi nje lokho okungaphezu kwemvelo kungenzeka, bakuphuthuma.

166 Bhekani ibandla namuhla. UNkulunkulu ufuna siqaphele okungaphezu kwemvelo lapho iZwi laKhe lenziwa labonakaliswa futhi laqinisekiswa. Manje siyakubalekela ngoba akuhlangene nezinhlangano zethu. Niyabo?

167 Esangweni lezimvu, babheka umnyakazo ongaphezu kwemvelo. UNkulunkulu ubelokhu ehamba phakathi kwabantu baKhe, ngokuqinisekisa okungaphezu kwemvelo kwesithembiso saKhe. Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Ngenkathi bebona lesosithembiso siqala ukunyakaza, kokungaphezu kwemvelo, bagxumela kuso futhi basithatha.

168 Namuhla, ngisho namanje, uMoya oNgcwele, amandla angaphezu kwawemvelo kaNkulunkulu, asemhlabeni, ehamba, ekhombisa izinto. Futhi abantu babaleka basuke kuWo, esikhundleni sokungena kuWo, iZwi lenziwe inyama futhi laqinisekiswa, zona impela izinto Azenza futhi wethembisa ukuthi siyozenza, wenza izinto ezifanayo. Futhi uma

Ungaxhumene namaqembu ethu, asihlanganise lutho naKho. Kunjalo.

169 UJesu wahamba wathola umuntu oyedwa ebandleni lonke. Wena uthi, "Ingabe uNkulunkulu uphulukisa bonke na?" Qhabo, mnumzane.

170 Nabazalwane bePentecostal, ake ngiqathaze lokhu kini. Nibheke isikhathi esizayo lapho kuzoba khona amadoda avukayo emhlabeni, futhi aphumele ezibhedlela futhi abakhulule, futhi athi isibhedlela sonke asiphume. Ungalinge ukhohliswe kanjalo. Uyangikholwa. Uyakholwa ukuthi kungamanga lokho. Akuzange kwenziwe. Lapho uJesu . . .

171 Ake sithi leso kwakuyisibhedlela. Wangena lapho ngokuholwa nguMoya. Wathola indoda eyodwa Ayeyazi ukuthi yayilungele. Futhi Wakhuluma, leyondoda. Wayitshela imfihlo yempilo yayo, wayi tshela lapho.

172 Yayingakwazi ukuhamba. Yayikwazi ukuhamba. Umuntu othile wayengayidlula, egijima. Yathi, "Lapho ngifika, omunye uhamba phambi kwami." Niyabo? Yayingeyona impumputhe, kanjalo yayingesona isithulu, kanjalo yayingesona isimungulu. Yayingakhubazekile. Yayinohlobo oluthile lwesifo esibophanayo, sasingeke siyibulale. Yayibe naso iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili. Futhi yayizama ukwehlela lapho, futhi othile ongcono kancane kunayo wayengena, khona-ke amandla eNgelosi ahamba.

173 Siyangena namuhla futhi sithola indoda kaNkulunkulu, eholwa nguMoya kaNkulunkulu, ebona umbono, ihambe, yenze into efana naleyo, futhi bathi, "Ngani, nangu uJones, ehlezi ekhoneni. Ake nginibone baphulukisi nimphulukise."

174 Niyambona lowodeveli ofanayo omdala, owathi kuJesu, esongwe ngendwangu emehlweni aKhe na? Futhi wathi . . . Mshaye ekhanda ngenduku. Futhi wathi . . . Ishintshe induku, isuke esandleni iye kwesinye. Wathi, "Sitshele ukuthi Ushaywe ngubani. Sizokholwa ukuthi Ungumprofethi-ke."

175 Ngani, ngaphambi kokuba izwe lize liqale, Wayazi ukuthi ubani owayenaleyonduku esandleni sabo. Akazange ahlekisele muntu. Wenza lokho kanye okwakuyintando kaNkulunkulu. IBandla lizokwenza okufanayo. Niyabo?

176 Isango lezimvu, kodwa babebheke okuthile. Babebheka okuthile.

177 Manje, uma labo bethe, "O, awu, sizokhuphukela lapho futhi sibone ukuthi bonke abanye benzani. Sizobona uma lokho kubukeka kungaphezu kwemvelo." Abazange bathole lutho.

178 Kodwa yileyondoda eyadingeka icindezele, ingahlali ngemuva, kodwa ngaphambili; leyondoda eyalinda ukubizelwa e-altare, leyondoda eyalinda ukubona into ethile engaphezu kwemvelo.

179 Njengalendoda lapha, umfana kaMfowethu Williams, okhulele emndenini wePentecostal. Kodwa, nokho, ngesinye isikhathi, emi emhlanganweni lapho uyise wezwa eholeleka khona ukuba amthumele, futhi lapho lowomfo osemusha emi lapho, futhi ubone isandla sikaNkulunkulu esingaphezu kwemvelo, masinya uba ngumKristu. Wayeselungele ukuLemukela, ngokuba wabona ukuhamba kwamanzi. Wayazi ukuthi kwakukhona into ethile engaphezu kwemvelo.

180 Akuyona i "nto yokuthi joyina isonto, xhawula, nesigidi ngaphezulu ngo '44, noma ibandla elisha, isakhiwo esisha, noma into ethile entsha."

181 Kwakuyimpilo entsha, eza ngomnyakazo ongaphezu kwemvelo, ababebheke ukuthi kwenzeke. Babazi yonke inkathi ethile; bese-ke behla, futhi balinda.

182 Manje, uma kungenzeki ngaso sonke isikhathi, futhi siphezu kwendlu, sigxumagxuma, siyazizwela, "Awu, sizolishiya leli bandla. Lipholile." Umbhedo onje pho! Asikwazi ukulinda kanjani! U-Abrahama akazange, alinde . . . Wayengacabangi ukuthi uNkulunkulu wayesepholile. Walinda iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, wayesebona isandla sikaNkulunkulu sinyakaza.

183 Balinda esangweni lezimvu, inyanga nenyanga, noma ngabe kwakuyini, kwalokho kushukuma okukodwa okungaphezu kwemvelo. Kodwa bakubheka. O, he! Bebekubhekile.

184 Futhi namhlanje silahlekelwe yilowombono, iPhentekoste. Silahlekelwe okuthile. Asibheke kuKristu. Amahlelo ethu azisabalise aze aphuma kakhulu, futhi manje siyalwa futhi sizama ukuthola amabandla amaningi namakhulu, namazinga aphakeme, nabashumayeli abangcono abafundile, nezinto. Futhi yini esinayo na? Sisukile kuyo impela iNto uNkulunkulu asitshele ukuba siyibheke. Ubhekeni na?

Bheka uphile. Yilokho esifanele sikwenze uma silindele ukuphila.

185 Abanye ngahle ukuba babahleka, bathi, "Lesosigejane sabaginqiki abangcwele ezansi lapho, ezansi lapho eduze kwalelochibi. Ngani, bathi kukhona i . . . Ngani, akulutho kodwa umoya. Awu, umoya uyehla, uphephetha ubuyisele amanzi emuva."

186 Hhayi kubo. KwakuyiNgelosi yomusa. KwakuyiNgelosi yokuphulukisa. Futhi ngikholwa ukuthi kwakuyiNgelosi, nakuba kubonakala kulula kakhulu. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu uzifihla ebululeni.

187 Ngibe nabo ukuthi beze emhlanganweni, bathi, "Mfowethu Branham, bengingazi ukuthi wawungumgingqiki ongcwele. Ngoba, ngiqaphele lonke leloqembu liklabalasa, futhi likhala, futhi liqhubeka ngenkathi usakhuluma, ukumpongoloza 'amen'

kanjalo kanjalo. Ngani, lokho akulutho ngaphandle kwemizwa.” Kungahle kube kuwena ongakholwa.

188 Kepha, kithina esinambitha izinto ezinhle zikaNkulunkulu; thina esaziyo ukuthi uMoya oNgcwele uyini!

189 Wena uthi, “Labobantu abakhuluma ngezilimi, ukubhaklaza okuthile nje. Bavele . . . Kuwukuhlakanipha kuphela. Kungumsebenzi owakhiwe nje.” Noma ubani athi . . . Kungahle kube, kuwe.

190 Kodwa kulowomfo Uwela phezu kwalo, Wehlukile kuye. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane.

191 Wena uthi, “Awu, manje, uyazi, usuku nje lwe . . . Yileyonto. Kukhona—kukhona . . . Awu, abantu ngeke bakholwe lokho.”

192 Lokho ngeke kumise umnyakazo wangempela kaNkulunkulu, nhlobo. UJesu ufika phakathi kokungakholwa, kodwa akuzange kuMmise nakancane. Waqhubekela phambili ngqo.

193 Abantu namhlanje, akunandaba ukuthi bazama kangakanani, bazama kangakanani ukuthi nguKushiseka ngokweqile, abantu baqhubekela phambili ngqo beWukholwa. Bangeke baKuchaze. Abazi ukuthi Uyini. Bayazi ukuthi banomqondo wokuthi Uyini.

194 NjengoBenjamin Franklin, ephethe ikhayithi esandleni sakhe, wathi, “Nginayo. Nginayo. Nginayo.” Wayazi ukuthi wayenokuthile.

195 Kanjalo nalendoda nowesifazane, abangahle bangakwazi ukukutshela ukuthi ayini ama-athomu, mangaki amamolekhuli akwi-athomu, kodwa ayazi ukuthi anoMoya oNgcwele. Ngoba ngani na? Bakuqondanisa ngqo neZwi likaNkulunkulu, lokho uPetru akusho ngosuku lwePhentekoste. “Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Lapho lesosono esivunyiwe siqathakela kuleloGazi, lonke iGazi, siyathethelelwa. IGazi lithethelela isono, nomuntu umi njengendodana kaNkulunkulu. Amen.

196 Khona-ke uqondaniswe ngqo, “Celani enikuthandayo futhi niyakwenzelwa khona.” Khona-ke, ngandlela thize nje noma enye, ubonakala uyazi intando kaNkulunkulu. Enye indlela engaphezu kwemvelo, kukhona ukunyakaza, okuthile kuwe, uthi, “Hamba *ngapha* wenze *lokho*. Yehla *lapha* wenze *lokho*.” Niyabo, kukhona okuthile kuwe, njalo kushaya okuhlosiwe ngendlela nje okufanele kube ngayo. O, kumangalisa kanjani!

197 Sifanele sivale ngoba sekuba leyithi kakhulu manje. Imizuzu embalwa nje kade.

198 Labo bantu kungenzeka ukuthi bahleka, kodwa lokho akubavimbanga. Balinda ngokufanayo nje.

199 Abantu bangahle bathi, ibandla lethu, abazalwane bethu, "U—ukuphola koMlayezo," nokunye nokunye.

200 Alipholile. Sibheke ukuhamba kwamanzi. Ngibheke ukubona into ethize yenzeka. Ngilapha eTucson manje. Ngani? Angazi. Amanzi angihambisa phansi lapha. Ngibheke ukubona into ethize yenzeka. Kuzokwenzeka.

201 Nganitshela, ngenkathi ngifika lapha, ngolunye usuku, "Kukhona okuzokwenzeka. Kuyobakhona ukuduma noma ukuqhuma okuqhumayo, lezozimpawu eziyisikhombisa ziyaphuma." Thola amateyipu futhi uthole ukuthi kunjalo noma qha. Niyabo? O, silindele ukunyakaza kwamanzi.

202 Sibone into ethile, ihlezi emuva, esiphambanweni, ohlangothini lwalologwadule enyakatho yeTucson. Lokho nje enginitshele khona lapha, ngaphambi kokuthi kwenzeke. Ngangicosha labo balusi bezimbuzi lapho, futhi khona-ke nje zasuka, futhi zazamazamisa intaba yonke. Amadwala agingqikela phansi, nezinto ezinjalo. Futhi uMoya oNgcwele waphenduka, wathi, "Buyela ekhaya lakho masinyane, ngokuba iziMpawu eziyisiKhombisa zizovulwa." Thola amateyipu futhi uthole. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI, kwashiwo ngaphambi kokuba kwenzeke, nakho konke. Thola ukuthi ngabe kuyiQiniso, noma qha. Uma sengihambile, lokho kusaqhubeka.

203 Sisesikhathini sokuphela, bangane. Ngibheke ukuthi uJesu afike. LeyoNkosi uJesu ebusisiwe Engiyithandile, futhi nganikela impilo yami kuyo, njengensizwa, ngisaMbhekile ukuthi afike. Ngikholwa ukuthi Uzofika. Nakuba, njengo-Abrahama, kungahle kulibale. Nokho, ngiba namandla futhi ngiMthanda kakhulu, ngiziveza nsuku zonke kuYe. Ngiyazi ukuthi lonke ikholwa lapha lenza into efanayo.

204 Kungakhathaleki ukuthi abanye bathini, "O, uyinombolo yangemuva. Ubufanele . . . Angikhathali ukuthi bathini.

205 Ngisamkholwa uNkulunkulu. Ngaqondisa eZwini futhi ngazi leloQiniso. Akekho oke wakwazi ukunginyakazisa angisuse kukho okwamanje. Inqobo nje lapho uNkulunkulu ebambe inhliziyo yami ngqo kuleloZwi, ngizohlala lapho. Amen.

206 U-Eliya, yena, ngolunye usuku ngenkathi ebheke okuthile ukuba kufike, ukuletha usizo kubantu, wabheka. Futhi wabheka kwaze kwathi ikhehla, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nento ubudala, lalikhathele kakhulu ukuba likhwele intaba, ngemva kokuzila ukudla, likhuleka. Kodwa uNkulunkulu walitshela, uma bephenduka, kukhona okwakuzokwenzeka. Wayebhekeni na? Wathuma inceku yakhe phezulu, wathi, "Khuphuka ubheke. Bheka. Kukhona okuzokwenzeka." Iminyaka emithathu nengxenye, futhi akukho mvula, akukho ifu, akukho ngisho namazolo awayo. Kodwa wathi, "Hamba, bheka." Futhi u-Eliya noma . . .

207 UGehazi wema futhi wabheka, wabheka, wabheka. Akazange abone lutho. Ubuyela phansi. Wathi, "Angibonanga lutho."

"Buyela emuva futhi." Amen. "Buyela emuva futhi uhlale kuze kwenzeke."

208 Futhi u-Eliya ubuyela emuva . . . noma, ngiqonde, uGehazi, futhi uyabheka futhi abheke futhi abheke.

209 No-Eliya, lelokhanda elincane elinempandla lihlezi lapho elangeni, namadevu akhe nentshebe yakhe, nentshebe emhlophe, nalezozingalo ezibukeka zinamathambo emadolweni akhe anamathambo. Wathi, "Nkosi Nkulunkulu," eseqala ukukhuleka.

210 Wathi, "Buyela emuva futhi manje." Amen. Wayenzani na? Wayebheke uNkulunkulu ukuba anakekele isithembiso sakhe, akunandaba ukuthi wayebukeka enethusi kangakanani, kungakanani ukwahlulela okuphezu kwakho. Kunjalo.

211 Omunye wathi, ngolunye usuku, wathi, "Mfowethu Branham, uyakukholwa Lokho, futhi ukhuluma kakhulu ngokumelene nezinhlangano zezinkolo. Yini ekwenza wenze lokho na?"

212 Ngathi, "Akukho okuphambene nabazalwane kuleyonhlangano, kodwa yinqubo engimelene nayo."

213 Njengabafundi beyogqumisa umzimba kaJesu. Lowo mzimba wawusucishe ulungele ukubola, kunjalo, kwakuyiphunga elibi. Kodwa bahlala nawo ngqo.

214 Leyo yinto efanayo namhlanje, nakuba ibandla lizithole selinamathizethize. Likuzo zonke izinhlobo zezimo. Selibhobokele ezinkolelweni-ze nasekugcinene umthetho ngamehlo nakho konke, kodwa ngifanele ngihlale nakho. Sifanele sihlale lapho. Sifanele sihlale lapho ngoba siyalithanda. Kukhona okuthile kithi, okusiphoqayo. Ukushaya komthambo ezinhliziyweni zethu kuthi, "Hlala nakho, ngoba kuzobakhona ukuvuka ngelinye ilanga, futhi uNkulunkulu uzosusa kulokho." Amen. Yebo. INkosi Jesu emangalisayo! Kulungile.

215 Siyathola, u-Eliya wayelokhu ebheka waze wabona ubukhulu nje besandla somuntu.

216 Manje, ukungakholwa bekuyokubamba ngokushesha impela lokho. "Uma lokho kungcono kunakho konke ongakwenza?" Niyabo? "Uma kuyilokho kuphela ongakwenza, awu, kubuyisele emuva."

217 Kodwa kwakuyini na? Wayebheke okungaphezu kwemvelo. O, wayazi kuphela isandla sikaNkulunkulu esasingakwenza. Futhi ngenkathi ebona lesosandla, uJ-e-s-u, wayenokuk-h-o-l-w-a. Yebo. Kwathi engakubona, wathi, "Ngizwa umsindo wemvula eningi." Kwakuyini na? Wemukela umnyakazo wokuqala.

218 O, ongakholwayo, kulokhukusa, wena obekade umathizethize embhaphathizweni wakho wamanzi nakho konke okunye, vumela uMoya kaNkulunkulu uvule amehlo akho futhi ukubonise okuthile nje okuncane, bese uqala kusukela lapho. “Ngizwa umsindo wemvula eningi.” Nina enikholwa izivumokholo esikhundleni seZwi, buyelani eZwini, nibone nje umnyakazo omncane wokuqala. Ukukholwa kwakwamukela. “Nakho engikufunayo.”

219 Sibheke ukuFika kweNkosi. Sibheka uMoya oNgcwele uwa ngezinsuku zokugcina. Sibheka izibonakaliso nezimangaliso. Sibhekisisa okwenzekayo. Niyabo? Awuboni na? Ubhekeni na? Yilokho impela uNkulunkulu athi kuyokwenzeka. Vumela ukholo lukubambe, uthi, “Ngiyakufuna, nami.”

220 Bhekisisa u-Eliya. Lapho ekwamukela, uyazi ukuthi impilo yakhe kufanele ukuthi yavuselelwa. Wagijima wadlula inqola ka-Ahabi. Wagijima phambi kwenqola, lapho engakwazi ngisho nokukhuphuka igquma. Wagijima phambi kwalawo mahhashi anejubane. “Khiphani imiphongolo yemvula. Ngizwa umsindo wemvula omningi.” Umnyakazo omncane wokuqala, “Udumo!”

221 Umnyakazo omncane wokuqala echibini laseBethesda, baphuthuma ukufika kuWo. Amen.

222 O, uma abantu lapha, uma ungakawemukeli uMoya oNgcwele kulokhukusa, uma lowo msindo omncane wokuqala ubungathi, “Lelo yiQiniso. Lowomuntu ukhuluma iZwi lelo iQiniso,” bese ushesha ngokushesha ngangokunokwenzeka. Ungalindi. Ubhekeni na? Ulindele ini na? Ihora selihambile kunokuba ucabanga. Suka ubheke kuLo, ngokushesha okukhulu ongakwenza. Ngani na? Lapho u-Eliya ebona lowo mnyakazo, kwakuwubufakazi obubonakalayo bomkhuleko ophendulwe.

223 O Nkulunkulu, ngifisa sengathi wonke umuntu ogulayo lapha kulokhukusa, owuzwayo loMoya oNgcwele ebukhoneni bethu manje, angakuqonda lokho. Lobo ngubufakazi obubonakalayo bomkhuleko obuwukhuleka, uphenduliwe eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wonke umuntu ofuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uma ungawuzwa lowomuzwa omncane omuhle, usho ukuthi, “Ngikholwa ukuthi lelo yiQiniso”; uma uthatha lokho, “Lobo ubufakazi obubonakalayo bomkhuleko wami ophenduliwe”; phakamisani izandla zenu bese nithi, “Nkulunkulu, ngiyaKwemukela manje,” kukhona obekuzokwenzeka. Kuncike ekutheni . . .

224 UNkulunkulu ujikijela izibonakaliso nxazonke ngakithi, futhi sisalokhu siqhubekela phambili, sisuka nje endleleni yakho. Ya. O, he!

U-Eliya wayazi ukuthi kwakuyimpendulo yomkhuleko.

225 UJona wenqaba ukubona noma yini eyayiphambene. Wayephansi esiswini somkhomo, ngaphansi kolwandle. Kodwa wathi, “Lokho ngeke kungifihle.” Wathi, “Ngizophinda futhi

ngibheke ngasethempelini laKho elingcwele." Wayebhekeni na? Empeleni akakwazanga ukubona ithempeli, kodwa usibonile isithembiso esenziwa yithempeli.

226 O Nkulunkulu, ukuba nje besingabona kuphela isithembiso seZwi, leso uKristu asethembisa, "Nomaphi lapho ababili noma abathathu bebuthene khona eGameni laMi, ngilapho phakathi kwabo. Futhi noma yini abayicelayo, bayakwamukela." Ukuba nje besingakubona kupheka, nomnyakazo wokuqala, sidlulele kuKho ngqo. Ungabe usalinda. Ubhekani na?

227 UNkulunkulu uphendula umkhuleko wakho, futhi akubeke nxazonke ngakuwe, bese uthi, "Awu, manje, ake ngibone, *usbanibani* angathini?" O, ungakwenzi lokho.

228 Bheka kuKristu. Bheka kulokho Akusho, "Ngilapho lapho ababili noma abathathu bebuthene khona eGameni laMi. Ngikhona lapho phakathi kwabo. Mabacele. Bayakwemukela." Isithembiso esinje pho, isithembiso sobuNkulunkulu esinje pho!

Wenqaba ukubona noma yini eyayizomenza angabaze.

229 Uma udeveli ethi, ngawe, athi, "Manje, ake ume kancane, mhlawumbe kulobubusuku ungahle ube ngcono kancanyana, lapho kuqala imvuselelo." Kungahle kube kuhle, lokho kungaba kuhle, kodwa ungalindi kuze kuqale imvuselelo. Yiba . . .

230 Yiba yingxenye yemvuselelo khona manje. UNkulunkulu ufuna ukukuqala kuwe. UNkulunkulu ufuna ukukuqala ebandleni. UMoya oNgcwele uyothatha isithunywa, khonake, futhi uthumele uMlayezo. UNkulunkulu uzowuqinisekisa lowoMlayezo, izibonakaliso ezinkulu nezimanga. Niyabo? Yenqaba ukubona noma yini engakwenza ungabaze.

231 UJona wakwenza, futhi uNkulunkulu wamkhulula esiswini somkhomo. Impela. Yebo, mnumzane.

232 UJobe, ngenkathi ngisho bonke abangani bakhe sebemlahlile, yonke into yayingalungile, uJobe wayelokhu ebheke ngasesibhakabhakeni. Abanye babo bathi, "Uyisoni esona ngasese. U—u, uyabheka. Jobe, yini oyibheka ku*leyo*ndlela na? Ngoba wonile, uNkulunkulu ukufakazisile lokho Akwenzile kuwe. Uyisoni esona ngasese, Jobe."

233 UJobe wayazi ukuthi wayengesona isoni. Wayehlangabezane ncamashi nalo lonke iZwi uNkulunkulu ayelidinga, lowomhlatshelo wokushiswa. Lowomnikelo wokushiswa yiwona kuphela uNkulunkulu ayekucelile. UNkulunkulu wacela umnikelo wokushiswa kuphela, noJobe wayazi ukuthi wayenze umnikelo wokushiswa womhlatshelo.

234 UNkulunkulu ukucela kuphela ukuthi ukholwe iZwi laKhe. Amen. Amen. Akaceli zonke lezimfundiso-ze nezivumokholo, nakho konke okunye. Ucela wena ukuthi uMkholwe. "Okholwa yiMi!" Amen, futhi amen. "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo!" "Bhekani kuYe, yonke imikhawulo yezwe,

niphile." "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Amen, futhi amen. Yebo, mnumzane. Ungalindi okunye. Bheka.

235 UJobe wama wabheka. Uyibonile inyama yakhe, konke ukonakala. Ulibonile igazi phezu kwakhe. Uwabonile amathumba phezu kwakhe. Umkakhe uyeza. Amalungu akhe ebandla amshiya, futhi amsola ngokuthi uyisoni esona ngasese. Umkakhe uyafika wayesethi, "Ubukeka ulusizi. Kungani ungathuki uNkulunkulu futhi ufe ukufa na?"

236 Wathi, "Wena ukhulumisa okowesifazane oyisiwula. INkosi yapha, iNkosi ithathile; malibongwe iGama leNkosi."

237 Cishe ngaleso sikhathi, lapho esehlale neZwi, khona-ke imibani yaqala ukubaneka, kwaduma umdumo, nomprofethi wabheka ngasesibhakabhakeni. Wayesethi, "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila. Uzoma ngezinsuku zokugcina phezu kwalomhlaba. Nakuba, emva kokuba izimpethu zomzimba seziwubhubhisile lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engizombona."

238 Bhekisisani. Okokuqala, Uthiwa u "Mhlengi"; okulandelayo, ungu "Nkulunkulu." "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila. Izinsuku zokugcina, Uyoma emhlabeni. Nakuba, emva kokuba izibungu zesikhumba seziwubhubhisile lomzimba, nokho enyameni yami ngiyombona uNkulunkulu, engiyoMbona ngokwami. Amehlo ami ayakubheka, hhayi omunye." Ngenkathi efa, nomzimba wakhe ubola, esesenyameni, wabheka waze wabona ukuvuka, haleluya, futhi wayazi ukuthi wayefakiwe kukho, ngoba wayegcina iZwi likaNkulunkulu. Bheka uphile, mfowethu. Amen. Ubonile ukuthi inhloso kaNkulunkulu yayiyini, futhi wayenza. UNkulunkulu wayenesizathu, sokuvivinya uJobe.

239 Ube nesizathu, sokuvivinya abantu. Konke kwenziwa ngesizathu. Wenza into efanayo manje. Usithumelela izibonakaliso nezimanga phakathi kwabantu. Uthumela iQiniso leVangeli, futhi abavumele baLibheke, kwesinye isivumokholo, baphike iQiniso langempela futhi bathathe isivumokholo; baphike *Lokhu* futhi bathathe *lokho*, kuyilapho bazi ukuthi iBhayibheli lifundisa okuphambene nalokho. Kodwa Ukwenzela ukuvivinya. Khona-ke azikho izaba ngoSuku Lokwahlulela. O, he!

240 Bheka ukuthi yini ethenjisiwe ezinsukwini zokugcina. Sengivala manje, ake ngisho lokhu ngaphambi nje kokuba sivale. Bukani ukuthi yini ethenjisiwe ngezinsuku zokugcina.

241 Bhekani lokho Asevele ekwenzile kulezizinsuku zokugcina. Uthululele uMoya oNgcwele phezu kwabantu baKhe, wabuyisela iPhentekoste lasekuqaleni futhi, wabuyisa umbhaphathizo wasekuqaleni kaMoya oNgcwele; wabuyisa umbhaphathizo wamanzi wasekuqaleni, wabuyisela yonke into, yabuyela kokwakho kwasekuqanleni. Wehla ngqo,

futhi wabuyisa ubufakazi obubonakalayo basekuqaleni bukaKristu, ngokusibonisa imibono neziprofetho ezingahluleki nakanye. Hamba uqhubeke wehle, yonke into ifana ncamashi nje, ukubonisa ukuthi kungaphezu komqondo womuntu. Babengenakukwenza lokho. NguNkulunkulu.

242 Bhekisisani leyoNsika yoMlilo enkulu eyahola abantwana bakwa-Israyeli. Noma ubani, noma yisiphi isifundiswa seBhayibheli, uyazi ukuthi leyo kwakuyiNgelosi yesiVumelwano, uJesu Kristu.

243 AmaHeberu athi, amaHeberu isahluko se 11 asho, ukuthi, "UMose walishiya iGibithe, ethi ihlazo likaKristu liyingcebo enkulu kuneyaseGibithe." Niyabo? Kwakuyini na? UKristu ehlane.

244 KuJohane 16 noma . . . Ngicela uxolo. UJohane 6, ngenkathi bedla isidlo, kumbe noma ngabe kwakuyini, ukuhlephula isinkwa nokuba nesikhathi esikhulu lapho ngejubili. UJesu wathi, "NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini. Odla inyama yaMi unokuPhila okuPhakade, futhi Ngizomvusa usuku lwe—izinsuku zokugcina." Wayazi ukuthi Wayezokwenza. Wathi WayeyiSinkwa sokuPhila.

245 Bathi, "UZenza uNkulunkulu. UyaZenza . . ." Wathi, "Kodwa, ngani, siyazi Uyahlanya, manje." *Ukusangana* kusho "ukuhlanya." "Siyazi ukuthi Uyahlanya. UyiNdoda engakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi nakhu Uthi Wena 'wabona u-Abrahama'? Siyazi Uyasangana. Uphambene engqondweni yaKho. Ungoshisekela ngokweqile okholwayo."

Wathi, "Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA." Amen.

246 Kwakuyini u 'NGIKHONA'? Lokho kuKhanya okuvuthayo kuleso sihlahla. UMose waKubona. WaKubhekisisa zonke izinsuku zokuphila kwakhe, futhi Kwamholela ngqo ezweni lesithembiso.

247 Lokho kuKhanya okufanayo kwehla futhi kwakumi lapho. Futhi Wathi, "NGIKHONA ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona. NGIYI leso sihlahla esivuthayo. NGINGUYE ENGINGUYE, leyoNgelosi yokuKhanya. Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu."

248 Ezinsukwini ezimbalwa ngemva kokuvuka, uSawulu waseTarsu wayesendleleni yakhe ebheke eDamaseku, ukuzingela amaPentecostal. Futhi ngenkathi esendleleni yakhe eyehlayo lapho, kwakukhona ukuKhanya okukhulu okwehlayo, kwakhipha amehlo akhe. Wayengakwazi . . . Akekho noyedwa wabo owayengabona lokho kuKhanya, kodwa wakwazi. Kwakukhanya kakhulu kuye kwaze kwaphuphuthekisa amehlo akhe. Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

249 Wathi, “NginguJesu.” Lokho kuKhanya okufanayo okwakusesihlahleni esivuthayo, ukuKhanya okufanayo kwakuvele kuNkulunkulu futhi kwabuyela kuNkulunkulu.

250 Futhi sinesithombe salokho kuKhanya okufanayo phakathi kwethu namhlanje, kwenza izimanga ezifanayo, nezimangaliso ezifanayo, nezibonakaliso ezifanayo, futhi nokho sibheke enye into. IQiniso leVangeli, lokuqinisekiswa kweZwi, lombhaphathizo kaMoya oNgcwele, umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, lezizinto esizifundisayo, ziyiQiniso ngokoqobo. Ziqinisekiswa kuphi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen. Whewu! Ngizizwa ngikholwa. Yebo. Ngani na? Ngoba uMoya oNgcwele ukhona lapha. Isizathu, emhlabeni jikelele, Ukufakazisile, emuva naphambili, futhi akehluleki nakanye. Amen.

251 Ubhekeni na? Ulindele ini na? E-hhe. Sekuyisikhathi. Amanzi ayazanyazanyiswa. Ngena manje; izibonakaliso zezinsuku zokugcina.

252 “Kuyakuba ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa,” niyazi. Yebo. “Kuyakuba njalo,” kwasho uHaywood. Futhi lokho kunjalo. “Indlela yeNkazimulo ngokuqinisekile niyakuyifumana.” Yebo, kulezi zinsuku zokugcina, niyokwenza.

253 Bheka. Kuya ngokuthi ubhekeni. Bheka ukuthi yini eseyenziwe. INsika yoMlilo, uMoya oNgcwele, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje ake sibheke. Asikholwe. Masiqonde ukuthi sisezinsukwini zokugcina. Sisemahoreni okugcina. Futhi sisemizuzwini yokugcina yehora lokugcina.

254 Nginalefilimu, futhi ngingahle ngiyilethe kuMfowethu Outlaw, ngesinye isikhathi, okwenkonzo yangoLwesithathu ebusuku, nginikhombise ukuthi, lapho esathatha khona eJerusalema, ngikubiza ngokuthi *Imizuzu Emithathu Kube Phakathi Kwamabili*. Ngithathe lokho okushiwo yisayensi.

255 IBhayibheli lathi, uJesu wathi, “Nxa nibona umkhiwane, nazo zonke ezinye izihlahla, ziveza imiqumbe yazo,” U-Israyeli ebuya njengesizwe. Bayisizwe. Sibona ezinye izihlahla: amaMethodisti anezawo zibekwe ngaphambili, amaBaptisti anezawo, amaKatolika anezawo, bonke abanye benezabo; amaPentecostal, ngo-Oral Roberts, benezabo; zonke ezinye zinemvuselelo zazo, ziveza igatsha lazo. “Yazini-ke ukuthi isikhathi sesiseduze. Lesi sizukulwane asiyikudlula zingakagcwaliseki zonke lezi zinto.”

256 Sibona u-Israyeli ezweni labo lendabuko, nebhanela lakhe liphakanyisiwe, inkanyezi enamaphuzu ayisithupha kaDavide. Unemali yakhe uqobo, isizwe sakhe uqobo, ibutho lakhe uqobo. Unakho konke. U—Ungu-Israyeli. Kuyini na? Ulapho, ulungele ukuhlanzwa, ukuthi uNkulunkulu uzothatha lezozinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane kukho.

257 Bhekani ibandla namhlanje, lisenxushunxushwini yalo, lixovekile lonke nayo yonke into. Liyabheka, "Futhi sinokuningi phakathi lapho. Sinokungcono kunabo. Siyi*lokhu*, *lokho*, no*kunye*."

258 Futhi lapho lowoMlobokazi ubheke ekuFikeni kweNkosi uJesu. Okungukuthi, leyomfihlo, ukuFika kukaKristu okuyimfihlo kuyofika futhi kuhlwithe uMlobokazi waKhe ebusuku. Njengencwadi engayifunda ngoRomeo noJuliet, ngesinye isikhathi, ukuthi weza kanjani neladi futhi wakhipha umlobokazi wakhe phakathi kwabo. Yilokho uJesu ayofika, ngolunye usuku, futhi ukubheka lowo akusikho ukubheka izivumokholo zakhe, kodwa ebheke kuKristu, elindele Yena ukuba afike, inhliziyo yakhe igxilile.

259 Bayeza, isihlobo seGazi, njengo-Isaka noRebeka, isihlobo sakhe seGazi. Yilokho esifanele size, isihlobo seGazi kuKristu, ngoMhlatshelo, lapho izono zethu zisusiwe ngeGazi likaJesu; hhayi ngalokho elinye ibandla elikushoyo, lokho okushiwo omunye umuntu; kodwa lokho iGazi elikwenzile, futhi lakufakazela ukuthi sekwenziwe, ngeZwi elisebenza ngento efanayo, eqhuba inkonzo efanayo Ayenayo. Amen.

260 Nibheke ini, bandla na? O, lezi zinsuku zokugcina, o, Ubephakathi kwethu impela, bantu, futhi sikukhohliwe. Wahlala phakathi kwethu impela, futhi asikwazanga. UMoya oNgcwele ulapha kulokhukusa, futhi mhlawumbe abaningi bazohamba futhi bakukhohlwe. Mhlawumbe abaningi abagulayo bazokhohlwa ukukholwa futhi bagxiliswe okwehange ukukholwa kwabo lapho okufanele kube khona manje. Iqiniso . . .

261 Impela ichibi liyazanyazanyiswa. Amanzi azungeza ehlela esuka kokwemvelo, ekhombisa amandla angaphezu kwawemvelo. UMoya oNgcwele ulapha, uthatha isigejane esijwayelekile sabantu, abanobuhlakani, behlezi lapha, begqoke kahle, befundile kakhulu, bebukeka. UMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, futhi into ethile iyabazungezisa. Bayampongoloza, "Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!" Yini indaba na? Ukuzanyazanyiswa kwamanzi. Amen.

262 Izoni zihlezi lapho, abahlubuki, izifebe, izidakwa, nakho konke okunye, bangcwele, abesaba uNkulunkulu. Awukwazi ukubeka umunwe ezimpilweni zabo, noma kuphi, njengoba bekwamukela. Kwenzenjani? Ukunyakaziswa kwamanzi. Ubhekeni na? UMoya oNgcwele wehlela phakathi kwethu . . .

263 Bengihlezi lapho, esikhashaneni esedlule, noMfowethu Outlaw, ngikhomba abantu, kuye, lapha ngezifo nezinto. Futhi kungenziwa khona manje, ukukhombisa izinto ezehlukene ezenzekile ezimpilweni nasezintweni. Kuyini na? NguMoya oNgcwele, uJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Silindeleni na? Ukuzanyazanyiswa kwamanzi na? Asevele

azanyazanyisiwe. INgelosi izohamba masinyane impela, nawo wonke amandla awasekho, futhi khona-ke akukho nsindiso esele. Uzoshiywa ebumnyameni obungaphandle.

264 Indaba engiyizwile, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule. Sengivala, ngingahle ngisho lokhu. Kukhona umfana owabulala ngamabomu. Wenze okuthile okungalungile.

265 Awu, ngabizelwa icala, ngoluny'usuku, niyazi, leli ngapha eTexas. Ngathola isitifiketi esincane kubo ngolunye usuku, "Ukusindisa impilo," sasho. Saya lapho kulowo Ayers omncane. Leyondoda eyathatha isithombe seNgelosi yeNkosi, okwathi, ngalobobusuku laphaya eHouston, futhi yangigxeka futhi yasho konke emhlabeni ngami. Yangigaxa, yangigona, yathi, "Cabanga nje, Mfowethu Branham, yona kanye indoda engithe yayiyi-hyp-. . .yenza umthwebulo, ize ukuzosindisa indodana yami esihlalweni sikagesi." Kunjalo. Ngakhuluma lapho phambi kwabo bonke. Wenzani umbusi na? Wakuxolela. O, he, ngenkathi babezofa ezinsukwini ezine noma ezinhlanu, kamuva. Kunjalo. Ngani na? Nginentshisekelo empilweni. Ukuphila!

266 Ngathi, "Mnumzane, awunalo ilungelo lokuthatha impilo yomfana. Igazi lokuqala elake lachitheka, kwaba umfowabo oyedwa owachitha elomunye. Wachitha igazi lakhe. Kodwa uNkulunkulu akazange athathe ukuphila kwakhe ngesijeziso sokufa. Wabeka uphawu phezu kwakhe, ukuze angabulawa muntu. Ungakususi lokho." Amen, futhi amen. Kulungile. Sinentshisekelo empilweni.

267 Ngolunye usuku, umfana kamama wayebulele indoda. Wayelele lapho, elungele ukufa. Futhi ngakho umama omncane wema ngasemnyango wombusi, futhi bacela ukungena. Futhi, ekugcineni, nomunye wonogada, wathi, "Mbusi, lowomama walowomfana ulapha phandle, uyakufuna. Ufuna ukukubona."

268 Kwathi lapho bevula umnyango, bathi, "Medemu, uzokwamukela."

269 Into encane empofu yakhasa ngezandla zayo nangamadolo, yafika ezinyaweni zakhe, yabeka izandla zayo. . .izandla zayo phezu kwezinyawo zakhe, futhi yathi, "Mbusi, mnumzane ohloniphekile," yathi, "nguwe kuphela indoda esisele, engaphephisa indodana yami. Ngiyacela, mnumzane onomusa. Ngiyazi ukuthi inecala. Inecala nje. Izinkantolo zakho zobulungisa ziyithole inecala." Futhi bangaki kithi abangenacala ezinkantolo zikaNkulunkulu na? "Izinkantolo zakho zobulungiswa zayithola inecala. Yabulala ngempela, futhi ibhekene nokufa. Ngiyakwazi lokho. Kodwa, mnumzane, njengendoda, awunalo ilungelo lokuthatha impilo yomfana wami. UNkulunkulu kuphela onganikeza ukuphila, futhi uNkulunkulu kuphela ongathatha ukuphila. Ungakwenzi, mnumzane. Ngiyacela ungakwenzi. Ngiyakuncenga, njengoba inhliziyo kamama ingathwala." Futhi ngakho wammukisa.

270 Kwamephula inhliziyo yakhe, kakhulu, ukuncenga kwalowomama, waze wehlela etilongweni, ejele lapho umfana ayehlezi khona emuva etilongweni.

271 Indoda yayizakhele inxanxathela. Cishe njengoba nje ibandla lenzile namuhla, "Kuphakathi kokuthi uzoLishumayela ngendlela engiLithanda ngayo," noma anizukuLizwa nhlobo. "Ngeke nginake!" Kwakunjalo . . . futhi ahlale lapho. Indoda nendoda yayize kuye, izama ukukhuluma naye. Wayezakhele waze wangabe esezwa lutho.

272 Ngakho umbusi wangena. Wathi, "Ndodana, ngingathanda ukukhuluma nawe."

Wathi, "Thula uphume lapha," etilongweni layo.

Wathi, "Ndodana, ngize ukuzokusiza."

Wathi, "Ngikutshelile ukuba uphume lapha."

273 Yileyondlela abantu abenza ngayo uMoya oNgcwele namuhla. Ya. "Phuma. Angifuni kuzihlanganisa naKho." Futhi angqongqoze emnyango. "Uma ngenza lokho, ngizodingeka ngiyeke ikhadi lami lephathi. Ngizodingeka ngikuyeke *lokhu*. Ngizodingeka ngidele *lokho*. Ngizodingeka ngilahle isivumokholo sami sesonto. Ngizodingeka nginikele." Niyabo? Kungcono ulalele. Nguye kuphela onokuxolela. Kunjalo. Ubhekani na? Niyabo?

274 Wayesebheke izinto eziningi kakhulu, wayesaba nokubheka le ndoda. Wayelokhu ephendule ikhanda lakhe.

275 Yileyondlela abantu abenza ngayo namuhla ekubizelweni e-altare. Balokhu bephendule ikhanda labo. Abafuni ukuLizwa. Bayophendula ikhanda labo lisuke kuNkulunkulu Obatshelayo, "Lelo yiQiniso." IPhimbo elincane, njengokuthinta.

276 Niyazi, u-Eliya, wezwa umoya ovunguzayo, igazi, umlilo, umusi, futhi akuzange kumkhathaze. Kodwa lapho ezwa leloPhimbo elincane, waphuma. O, leloPhimbo elincane ibandla elehlulekile ukulizwa! Kulungile.

277 Ngakho, i—i—indoda yazama konke okusemandleni ayo. Umbusi wazama ukukhuluma nomfana. Wathi umfana, "Uzophuma lapha noma ngizokuphonsela ngaphandle."

278 Waphenduka wayesethi, "Kulungile, ndodana. Ngenze konke ebengingakwenza."

279 Lapho ephuma, umfana waqalaza, ethi ukunganaki, njengoba ehla edabuka ehholo.

280 Kuthe uma esehambile, kwaphuma omunye wonogada wathi, "Mbusi, ingabe kukhona okuhle okwenzile na?"

Wathi, "Qhabo. Akazange alalele."

281 Wagxuma lowo mfana. Wabamba izinsimbi, wathi, "Bekungubani lowo na?"

"Lowo bekungumbusi. Uzele ukuxolelwa kwakho."

282 Sekuleyithi kakhulu-ke. Wadazuluka. Wakhala. Wathi, "Cabanga ngakho. Umbusi, lapha etilongweni lami uqobo, ukuba angixolele, futhi ngamenqaba."

283 Futhi lapho bemfaka intambo entanyeni, ngaphambi kokuba bamgqokise isifihla-buso esimnyama, ngemva kokuba esehambe izinyathelo eziyishumi nantathu, amazwi okugcina wathi, "Cabanga ngakho. Umbusi ume etilongweni lami, ukuxolela, futhi ngamenqaba." Futhi bamlengisa.

284 O, kukhona okungaphezu kombusi lapha kulokhukusa. UJesu Kristu ulapha. Nalelotilongo elincane, elibizwa ngokuthi owesilisa noma owesifazane, Ulapha ukuzoxolela. Ungakwenzi, ungaMjikisi. Ungakwenzi. Thola inhloso yakho uNkulunkulu akulethele yona lapha empilweni.

285 Sisehoreni elimangalisayo, bangane. Niyakwazi lokho. Njengoba iculo elidala lathi:

Izizwe ziyehlulana, (Bhekani ukuthi sikhathi sini.) U-Israyeli uyaphaphama,
Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okuthiyayo;
"Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zamadoda zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe futhi zikhanye, (Ini?)
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

Kunjalo.

Abaprofethi bamanga baqamba amanga, iQiniso likaNkulunkulu bayaliphika,
Ukuthi uJesu Kristu unguNkulunkulu wethu;

Kunjalo.

Lesi sizukulwane silahla isambulo sikaNkulunkulu,
Kodwa sihamba lapho abaphostoli benyathele khona.

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zamadoda zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

286 Kunjalo. Bheka phezulu, mfowethu, suka kuyo yonke lemfundiso-ze yezwe. Bheka phezulu. Bheka kuKristu. Bheka kuJesu, njengoba iculo lisho:

Bheka uphile, mfowethu, uphile!
Bheka kuJesu manje uphile;
Kulotshiwe eZwini laKhe, haleluya!
Kungukuthi kuphela si "bheke siphile."

Ubhekani kulokhukusa na?

Bheka uphile, mfowethu, uphile!
Bheka kuJesu manje uphile;
Ngokuba kuqoshiwe eZwini laKhe, haleluya!
Kuphela nje si "bheka futhi siphile."

Niyakukholwa lokho na? Masilicule kanye kanje. Niyalazi na?

Bheka uphile, mfowethu, uphile!
Bheka kuJesu manje uphile;
Kulotshiwe eZwini, haleluya!
Kuphela nje si "bheka siphile."

Manje asilicule kanye kanye manje.

O, phila, mfowethu, phila!
Bheka kuJesu manje uphile;
Kulotshiwe eZwini, haleluya!
Kuphela nje si "bheka siphile."

287 Ubhekeni na? Kulabo abalindele uJesu, okwesibili, Uyakufika ngenkazimulo kube yinsindiso, ukusikhipha kulelizwe elinesono, kulesi sono nezinto esikuzo. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bheka uphile. Into kuphela ongayenza wukubheka, uthathe iZwi. Njengoba inyoka esigxotsheni yayimelele iZwi eliphilayo elaliyokwenziwa inyama, kanjalo neZwi namuhla limele uBukhona bukaMoya oNgcwele lapho siLibona liqinisekiswa phakathi kwethu. Esetilongweni lethu elincane kulokhukusa. Ngeke yini umlalele ngenkathi sisakhothamisa amakhanda ethu na?

Qhubeka, mfowethu.

Bheka uphile, mfowethu, ephile!
O, bheka kuJesu manje uphile;
Kulotshiwe eZwini, haleluya!
Kuphela nje si "bheka siphile."

[UMfowethu Branham uhamisha elithi *Bheka Uphile*—Umhl.]

Bheka kuJesu manje uphile;
Kulotshwe eZwini, haleluya!
Kuphela nje si "bheka siphile."

288 Nisakhotheme amakhanda enu, bhekani kuJesu manje, mfowethu, iZwi. Uma ungakaze uphenduke, phenduka. Uma ungakaze ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, bhaphathizwa. Unesithembiso sikaNkulunkulu, ukuthi uzokwemukela uMoya oNgcwele. Yilokho iBandla lasekuqaleni

elaqala ngakho, nendlela Elaqala ngayo. UNkulunkulu akanasiphelo. Angeke aguqule uhlelo lwaKhe. Yileyondlela okufanele kuhlale ngayo njalo. IBandla lagcotshwa ngoSuku lwePhentekoste, ngokuphenduka, umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, kanye nesithembiso sokwamukela uMoya oNgcwele. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

289 Uma lokho kungakaze kwenzeke kuwe, mngane, ungasiphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu manje futhi uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele." UNkulunkulu akubusise, wena, wena. UNkulunkulu akubusise. Kuhle. UNkulunkulu akubusise, wena, wena. Kuhle lokho. Kulungile.

> Bhekani niphile, bafowethu, niphile!
> Bheka kuJesu manje uphile;
> Manje, kuqoshiwe eZwini, haleluya!
> Kuphela nje si "bheka siphile."

290 Manje, kulotshiwe lapha eZwini. Sisezinsukwini zokugcina. Akukho lutho olwengeziwe ngalokhu. Akukho okwakhiwe ngalokhu, akukho okumbumbulu. YiZwi libonakaliswa. YiZwi elikhuluma iQiniso. Uke waba—uke waba semihlanganweni. Uke waba semihlanganweni ngaphambilini, futhi uyazi ukuthi yiQiniso.

291 Manje, sinabalingisi abaningi. Siyakwazi lokho. Kodwa ungababheki. Kwakukhona isixuku esixubile esahamba noMose. Kodwa, khumbula, kwakunamanye ama-Israyeli eqiniso lapho aya ezweni lesithembiso. Niyabo?

292 Kuyafana kuleli qembu, mfowethu. Kukhona abangempela, abesilisa nabesifazane bangempela abagcwaliswe ngoMoya, abangempela, abangempela, abangakwazi ukubeka umunwe empilweni yabo. Ngeke ubheke uphile kulokhukusa na? Bheka kude nabalingisi. Bheka kude na—nalabo abangaba ngabashisekela ngokweqile. Bheka kude kukho konke lokho futhi ubheke kuJesu wangempela. Siqoshiwe eZwini laKhe. Haleluya. "Kulabo abaMbheke okwesibili Uzovela."

293 Uma ungathanda ukuza ngaphambili e-altare, ukuzomela umkhuleko, uma ungakawemukeli uMoya oNgcwele; awukahlangabezani nalezi zidingakalo, zencwadi yeZenzo, uPetru akhuluma ngazo, futhi ungathanda ukuhlangana nazo kulokhukusa. Sisacula elinye ivesi, ngingathanda ukukumema, uze ume e-altare ngomkhuleko. Bese-ke sizokwenza umbhaphathizo, noma sizokukhulekela ukuthi wemukele uMoya oNgcwele. Sisacula.

> O, bhekani niphile, bafowethu, niphile!
> Bheka kuJesu manje uphile;

Omunye futhi na?

> Kulotshwe eZwini, haleluya!
> Kuphela nje si "bheka siphile."

Bheka uphile, mfowethu, uphile!
O, bheka kuJesu manje uphile;
Kulotshiwe eZwini, haleluya!
Kuphela nje si "bheka siphile."

294 Yini indaba ngabesifazane kulokhukusa na? Wonke amadoda na? Akuvamisile ukukubona lokho. Leli ihora lobuqotho. Kulungile.

Bheka uphile, mfowethu, uphile!
Bheka kuJesu manje uphile;
Kulotshiwe eZwini, haleluya!
Kuphela nje si "bheka si . . . "

295 Ngizizwela nje ukuthi kufanele kube khona omunye. Woza. Lawa, lamadoda amane emi lapha, kukhona okungaphezu kwalokho lapha. Woza. Uyafuna ukuphila na? Khumbulani, uNkulunkulu ukubhala phansi. Babuza, "Kufanele kanjani . . . Yini esifanele siyenze ukuze sisindiswe na?" Futhi batshelwa khona. Manje, Angeke akuguqule lokho, futhi akukaze kuguqulwe, ezansi kusukela eminyakeni yeBhayibheli.

296 Manje sinemibono ehlukene. Siyayiguqula manje, o, he, yonke into. Kodwa ungakwenzi, ungakubheki lokho. Ungabheki lokho abakwenzayo manje.

297 Bhekani kulokho Akusho *Lapha*. Bheka eBhayibhelini. Bheka uphile, mfowethu. Yileyondlela kuphela ongakwazi ngayo; dade, futhi. Woza manje, uma ungakasemukeli lesi sehlakalo futhi wazi ukuthi yiBhayibheli ncamashi, noNkulunkulu qobo lwaKhe lapho, eqinisekisiwe. Ungathathi shansi.

298 Ubhekeni, kulokhukusa na? Ubhekeni na? Ingabe uye wama kulolusuku olusabekayo, olumatasa esiphila kulo na? Ufunani na? UNkulunkulu ubeke konke.

299 Ukuzanyazanyiswa kwamanzi, lowomnyakazo omncane wokuqala, abantu bagxumela phakathi.

300 Isibonakaliso sesandla esibhakabhakeni, u-Eliya wathi, "Lelofu, elingangesandla somuntu, linjengomhwamuko." Kwakuyini na? Waqhubeka ekholwa. "Ngizwa umsindo wemvula eningi." Lelofu liba ngamafu amabili. Amafu amabili aba igquma. Igquma liba yintaba. Intaba iba enye intaba. Into yokuqala uyazi, isibhakabhaka sonke sasiduma, imvula yayina. Kwakuyini na? Wemukela lokho uNkulunkulu akuthumileyo.

301 Futhi kulokhukusa, uma leyoNto encane ithintile inhliziyo yakho, futhi ithi, "ngiyakudinga lokho," leso yileso sibonakaliso esincane, ubukhulu besandla somuntu. Woza.

Bhekani niphile, bazalwane bami, niphile!
O, bheka kuJesu manje uphile;
O, kuqoshiwe eZwini, haleluya!
Kuphela nje si "bheka siphile."

Asikhothamise amakhanda ethu.

302 Angazi noma nina bazalwane lapha, abanye benu bazalwane abangabefundisi, nizohamba nehle ngqo, abanye benu bazalwane, bekani izandla phezu kwalaba bazalwane abehlele lapha, uma nithanda, bazalwane.

303 Nkosi Jesu, lendoda ilethe isivumo, ifikile kulokhukusa. Susa konke ukungabaza kwayo kuyo.

IGazi, Baba! Sithethelele, Nkosi! . . .?. . .

Ifanele ukudela konke ngenxa yakho.

304 Kanjalo, ngalomfowethu lapha, Nkosi, kwangathi ukuvuma kwakhe kuqathakele eGazini likaJesu Kristu. Kwangathi angagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Ukuthi uNkulunkulu uzoguqula igama lakhe, encike odondolweni lwakhe. Kodwa idinga uMoya oNgcwele. Yenze ukuvuma kwayo kulokhukusa! . . .?. . .

305 Mgcwalise ngoMoya oNgcwele . . .?. . . Futhi kwangathi lapho kungavela amandla amakhulu kaMoya oNgcwele. Amen.

306 Lonke ibandla nikhothamise amakhanda enu manje, yibani semkhulekweni. Lababazalwane bayakhuleka manje, futhi wonke umuntu akabeke izandla zakho phezu kwabo futhi ukhuleke.

Nangu omunye eza.

307 Nkosi Jesu, phezu kwesivumo eza ukuzosenza namuhla, Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomgcwalisa ngoMoya oNgcwele, Nkosi. Ubheka le manje eKalvari, lapho kuphela iGazi likaJesu Kristu elingamhlanza. Lilodwa kuphela iGazi elingenza lokho kugxume kuwele kulelogebe. Lelo yiGazi likaJesu Kristu eligobhoza ngaphakathi kwegebe, futhi limbeke eduze kukaNkulunkulu, kulobubusuku. Siphe khona, Baba, ngoJesu Kristu. Amen.

308 Wonke umuntu emkhulekweni manje, ubeka izandla zakho phezu kwabo, mfowethu, lamadoda ami lapha. Khuleka ngenhliziyo yakho yonke manje.

309 Manje, manje uza ukuzokwenza isivumo sakho. UNkulunkulu akanakuqamba amanga.

310 Yileyondlela impela engakwemukela ngayo, ngenkathi ngikhuphuka futhi ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiqotho ngokujulile. Ngikuqonde ngempela, ngenhliziyo yami yonke. Lokhu kuphakathi kokufa nokuphila, futhi a—angifuni ukufa. Ngi—ngifuna ukuphila, futhi ngi—ngifuna ukuya eZulwini. Futhi Wethembisa."

311 Angikaze ngizwe ngento efana nePhentekoste, angikaze ngiyizwe enjalo. Kodwa, ngathi, "EBhayibhelini lapha isidingakalo sasingukuthi, ngokwaleliBhayibheli, ukuba mina ngiphenduke, futhi lokho ngiyakwenza. Futhi ngibhaphathizwe

eGameni likaJesu Kristu. Manje, Nkosi, Wangethembisa uMoya oNgcwele. Wethembisa ukukwenza."

312 Angikaze ngizwe nganoma yini efana nokukhuluma ngezilimi, angizange ngikufunde futhi kunalapho eBhayibhelini. Angizange nje ngicabange lutho. Futhi khona lapho kufika ukuKhanya egumbini, esimweni sesiphambano, futhi noma yini eyayiphezu kwakho kwakungukukhuluma ngezilimi. Ngathi, "Angiliqondi iPhimbo laKho, mnumzane, ulimi lwaKho. Uma ungakwazi ukukhuluma isiNgisi, futhi angiluqondi ulimi lwaKho; uma nje Uzobuya futhi ukhulume futhi, kuzoba yisibonakaliso sokuthi Ungamukele." Futhi nakho la kwaKukhona futhi.

313 O, mfowethu, ngabheka futhi ngaphila, ngaleso sikhathi. Bengilokhu ngiphila kusukela ngaleso sikhathi, emazingeni akhazimulayo kaNkulunkulu, lapho amandla kaNkulunkulu egeleza khona ngokukhululeka ehla ngokugeleza kwezibusiso zaKhe.

314 Manje asiphakamise izandla zethu njengoba simile, ngamunye wethu lapha, nalamadoda. Manje, bazalwane, uMoya oNgcwele ulapha. UMxoleli ukhona khona lapha eduze kwakho. Asikholwe ngayo yonke inhliziyo yethu manje. Umuntu ngamunye makakholwe. Manje masiphakamise amaphimbo ethu kuNkulunkulu. UNkulunkulu akubusise.

Baba waseZulwini, siyakhuleka . . .?. . .

Nkosi Jesu, ngiyaKuncenga, ukuthi Uzosipha lokhu! . . .?. . .

Nkosi, kwangathi angehluleke ukukubona manje! . . .?. . .

> Bhekani niphile, bafowethu, niphile!
> Bheka kuJesu manje uphile;
> O, kulotshwe eZwini likaNkulunkulu, haleluya!
> Nguwe nje u "bheka uphile."
>
> O, "bheka uphile."

315 Nonke nina bantu abagulayo, bhekani ngendlela efanayo manje, bhekani kuJesu.

> Bheka kuJesu manje uphile;

316 Yilokho-ke. Njengenyoka yethusi. Ayengekho amandla enyokeni, kodwa yilokho ababekubheka. Manje, isithembiso sathi, "Bayakubeka izandla phezu kwabagulayo; bayakusinda." Ngibeka izandla zami phezu kwakhe ngoba kungukumelela, njengenyoka yethusi. Kwangathi bangabheka uJesu, ngaleya, Owafa. Uyinhlawulo yokuphulukisa abahlobo bethu abagulayo. Uyinhlawulo yezono zethu. Kwangathi amandla kaNkulunkulu angeza phezu kwalamanzi, futhi aphulukise ngamunye, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

Ingane? Ingane?

317 NgeGama likaJesu . . . ? . . . EGameni leNkosi uJesu . . . ? . . . O, eGameni likaJesu Kristu.

UNkulunkulu akubusise manje. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Kukholwe.

> O, bhekani niphile, bafowethu, niphile! (Ukwenza kanjani na?)
>
> Bheka kuJesu manje uphile;
> O, kulotshiwe e . . .

Khumbula, mfowethu . . . ? . . .

318 Niyazi ukuthi yini inkinga ngamabandla namuhla na? Sithola indlela . . . Si—si—siyeka ngokushesha kakhulu. U-Eliya wahlala lapho futhi wakhuleka, futhi wakhuleka, futhi wakhuleka kwaze kwenzeka okuthile. Futhi ngenkathi ezwa lokho kuncinza okuncane kwehlela enhliziywени yakhe, wathi, "Ngizwa umsindo wemvula eningi." Uma abesilisa nabesifazane phakathi lapha, abafuna uKristu noma uMoya oNgcwele, ofuna ukuphulukiswa, uma nje bengahlala lapho futhi bathi, "Nkosi, Wakwethembisa. Wakwethembisa," bese ezwa lokho kuncinza okuncane. Athi, "Nakhu, Nkosi. Ngiyakwamukela," kukhona okuzokwenzeka.

> O, bhekani niphile, bafowethu, niphile!
> Bheka kuJesu manje futhi . . .

319 Vele uphakamise isandla sakho manje. Yamukela okufunayo. Ulapha etilongweni nawe. Kulungile.

> . . . haleluya!

Kulungile, mfowethu, uma uzoza.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org